# *Sithanda Ukubona UJesu*

Ningahlala phansi uma nithanda. Ngijabula kakhulu ukuba phandle ethendeni futhi kulobubusuku ukukhonzisa eGameni loMhlengi wethu oligugu, iNkosi uJesu. Futhi ngethemba ukuthi izibusiso zaKhe zizophumula phezu kwethu sonke. Futhi sileyithi kancane ukuba siqale, ngiyazi lezizingqungquthela, zithatha isikhathi esincane impela kwezezimali zazo, nezinto; yingalesosizathu ngingasoze ngaba nayo.

2 Mina, ukuba bengifanele ngiyilandele ukuze ngithole imali, impela bengiyophuma esithombeni. Yisizathu ngigcine imihlangano yami ithobile futhi imincane ukuze ngingadingi ukuba nemali. Ngingahamba ngishumayele kwabayishumi, noma ingxenye yesigidi. Uma iNkosi ifuna ngishumayele kwabayishumi, khona-ke angikho ngaphansi kwanoma yisiphi isibopho, anginamsakazo, ithelevishini, nanoma yiziphi izinto ezinkulu, futhi angidingi mali, ukuba ngiphile nje, futhi ngakho ngaleyondlela, ngiyathanda nje ukuphila ngaleyondlela.

3 INkosi yayazi kangcono kunokunginika noma yini ehlukile. Uma ngicabanga. . .Izindleko zami zingithatha cishe amadola ayikhulu ngosuku ehhovisi lami. Futhi kuthiwani nge. . .?

4 Wena uthi, "Lokho kuyinqwaba."

5 U-Oral Roberts uphakathi kwezinkulungwane eziyisikhombisa neziyishumi. UBilly Graham ngezinye izikhathi yizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ngomzuzu ekusakazeni kwakhe. Ngakho labobantu bafanele babe nemali.

6 Uma bengifanele ngenze lokho, bengiyovele ngihambe nje. Anginabo ubuhlakani bokukwenza endaweni yokuqala. Kodwa iNkosi ingivumele nje ngiphile ngokuzithoba, futhi a—angi. . .Imihlangano yami ayibi mikhulu neze, siyigcina nje imincane. Ngisanda kubamba imvuselelo endaweni emumatha abantu abangamashumi amabili, ngase ngisuka eNdiya lapho enganginezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu.

7 Manje nje, indoda ingigaxe ngengalo ivela eJalimane, manje nje, lapho esasinesilinganiso sabaphendukile abayizinkulungwane eziyishumi njalo ebusuku, izinkulungwane ezingamashumi amahlanu ngobusuku obuhlanu. Futhi eThekwini, eNingizimu Afrika saba nezinkulungwane ezingamashumi amathathu ekubizeleni e-altare okukodwa. Angikwazanga ukulinganisa ukuthi kwakuyini eNdiya, kukhona nje izilwandlekazi zabantu. Kodwa lapho iNkosi ingifuna ngiye laphaya, Ithumela nje umuntu othize ngapho nemali bese ingithumela ngapesheya. Ngakho yileyondlela enginayo ngakho, futhi nje ngikushiya njenge. . .Ngakho I. . .

Kodwa njengalababazalwane lapha kulezizingqungquthela ezinkulu, badinga izinqwaba zemali, nezinto, futhi bafanele bakwenze.

Ngakho, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

8 Nkulunkulu oPhakade, phefumulela uMoya waKho phezu kwethu kulobubusuku, Nkosi. Futhi siyaKudinga, futhi sikhulekela ukuthi Uzosikhonza, futhi usivumele sikhonzise ebandleni. EGameni leNdodana yaKho, uJesu, siyakucela. Amen.

9 Manje kulobubusuku, kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo. Kusasa ebusuku ngubusuku bethu bokuhamba. Futhi sifanele sisuke lapha, siqonde ngqo, masinya senyukele eGreenville, eNingizimu Carolina kwenye ingqungquthela. Bese-ke siba nabantu beBaptisti phezulu phakathi, ngikholwa ukuthi kubizwa ngeGreen Pines, noma into efana naleyo, iNorth Carolina, iPine, iGreen Pine noma iPines, uhlobo oluthile lwePine, enhla eNorth Carolina nabantu beBaptisti. Bese kuthi-ke ukusuka lapho siya engqungqutheleni yeFull Gospel Business Men ePhiladelphia, khona-ke bengihlelelwe ukuya phesheya kwezilwandle.

10 Ngifanele ngibe nokuphumula okuncane masinya impela, ngoba ngikhathele ngempela. Futhi nje ngiya e. . . Cabanga nje, bengilokhu ngihamba njalo kusukela ngoJanuwari ziyi 1, niyabo, nobusuku emva kobusuku. Ngakho manje, kungesikho ukucela uzwelo, ngicela umkhuleko nje, yilokho kuphela, umkhuleko nje yilokho kuphela engikudingayo.

11 Manje, ngifisa ukufunda. . . Manje, ngiyazi sileyithi kancane, futhi nje cishe sileyithi ingxenye yehora. Ngiyazi kunabaningi benu bantu abasebenzayo, kodwa ngi— ngifuna ukuthatha isikhathi esenele nje ukuzama ukuchaza kulobubusuku, ngoba ngizokhulekela abagulayo, futhi ngi— ngifuna nikuqondisise kahle. Bekuyoba ngcono kakhulu kini ukuba niqonde ukuthi ninyukela ini lapha, noma ukuthi nizele ini lapha, kunoma bekuyoba ngukuzihloma ngekhanda nje kukho, futhi ningazi ukuthi nenzani. Niyabo? Akusikho ukuba ucilo uthuke uzishaya endukwini, ngukuthi sihlangana noNkulunkulu. Futhi sifanele. . . Angizukushumayela, ngizonichazela nje ukuthi ngicabangani ngakho.

12 Okokuqala, sifuna njalo ukwesekela konke esikwenzayo phezu kweZwi, ngoba kufanele kuvele eZwini likaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi lesi yisisekelo, yileliBhayibheli elibusisiwe, nakho konke esikwenzayo, nazo zonke izenzo zikaMoya zifanele zivele emBhalweni njengesithembiso sikaNkulunkulu. Uma kungenjalo, awu, ngi—ngi—ngingeke ngithi uNkulunkulu ubengeke akwenze, kodwa nje bengiyokwesaba kancane

uma—uma bekungaleyondlela, kodwa inqobo nje uma kuvela emBhalweni, kulungile.

13 Ngakho, manje ngifisa ukufunda okunye eNcwadini kaJohane oNgcwele nesahluko 12 sikaJohane oNgcwele ivesi 20. Bese kuthi-ke ngifuna ukuthatha amaHeberu 13:8 njengendikimba.

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukele e. . .umkhosi:*
>
> Futhi *lawo-ke aya. . .kuFiliphu, waseBetsayida. . ., futhi* athi kuye, *Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

14 Khona-ke amaHeberu 13:8 kulotshiwe:

> *UJesu Kristu nguyena izolo,. . .namuhla, naphakade.*

15 Futhi manje, indaba yami kulobubusuku izothi: *Sithanda Ukubona UJesu.*

16 Futhi uma bengingangena kulezizethameli futhi ngicele ngamunye wenu ukuba niphakamise izandla zenu, bonke lapha abebengathanda ukuMbona, ngikholwa ukuthi zonke izandla beziyophakama, ngokuba akekho owayengake—eke ezwe iGama laKhe, kodwa obengalangazelela ukuMbona. Lokho ngamathemba okulindela ami amakhulu, kungukuba ngoluny'usuku ukuza kuYe futhi nje ngibeke izandla zami ezinyaweni zaKhe, Omangalisayo.

17 Esikhathini esithile esedlule ezansi eningizimu kwakukhona endala, indoda eyikhaladi, futhi yayikade iphumele epulazini elidala icula, futhi ya—yasindiswa. Futhi ngakho endleleni yayo ibuyela emsebenzini ngakusasa ekuseni, yayixoxa phakathi kwezigqila, "Ngikhululekile!"

Nobasi wenyuka wayesethi, "Mose, yini lena oyishoyo na? U 'khululekile na?'"

Wathi, "Yebo, Basi, ngikhululekile!"

Wathi, "Woza ngapha ehhovisi, Mose, ngifuna ukukhuluma nawe ngalenkululeko okhuluma ngayo." Ngakho wathi, "Uyakhumbula ukuthi uyisigqila."

18 Futhi ngenkathi engena ehhovisi, wathi, "Mose, yini lena oyishoyo na?"

Wathi, "Basi, ngithe ngikhululekile, ngoba izolo ebusuku ekuculeni okuncane, uJesu Kristu wangikhulula emthethweni wesono nokufa, futhi ngingumuntu okhululekile namhlanje."

Wathi, "Mose, ukusho ngempela lokho na?"

Wathi, "Ngikusho ngempela, Basi, ngayo yonke inhliziyo yami."

Wathi, "Khona-ke ngizokwehla futhi ngisayine isimemezelo, ngizokukhulula, futhi, ukuze ukwazi ukukushumayela phakathi kwabazalwane bakho."

19 Iminyaka emva kwalokho ufikela ukufa, nabaningi babazalwane bakhe abamhlophe beza ukuzombuka, futhi wabonakala edidekile noma enesiyezi. Futhi wavuka, futhi waqalaza, wathi . . . abanye babo bathi, "Mose, ngi—ngicabange ukuthi ubusuhambile."

Wathi, "Bengisesangweni nje."

Futhi wathi, "Uboneni, Mose na?"

20 Wathi, "Awu, ngi—ngiyakutshela engikubonile," wathi, "Bengimi esangweni, ngibuka, futhi ngiMbonile." Futhi wathi, "Bekukhona owenyukela kimi, wayesethi, "Mose, woza ngapha uthathe umqhele wakho nengubo yakho ende."

Wathi, "Ungakhulumi kimi ngomqhele nezingubo ezinde."

Wathi, "Ngani Mose, wawuyinceku ethembekileyo, uzuze ingubo ende kanye nomqhele."

Wathi, "Ungakhulumi nami ngalokho, umvuzo wami uthi: MangiMbuke nje iminyaka eyinkulungwane."

21 Ngicabanga ukuthi lokho kumayelana nomuzwa wethu sonke: Ake nje ngiMbuke. Futhi nokho, ngokwemiBhalo yethu, iBhayibheli lithi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngakho uma Esenguye, nokulindela kwethu kuyafana njengoba lamaGreki ayenjalo, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu. Hhayi . . . AsiMfuni ukuba enze isimangaliso, asifuni ukuzwa ukufundisa kwaKhe, sifuna nje ukuMbona," awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, kungani singenakuMbona na?

22 Manje, si . . . Ngifuna nibambe lamazwi, ningawageji manje, ngoba sinomkhankaso omkhulu, futhi silapha kulengqungquthela lapho singalitholi khona ithuba ntambama uku—ukudlula kulezizinto, futhi ufanele uyibambe futhi uyikale ngeZwi likaNkulunkulu: "Ukhona ongabona uNkulunkulu na?"

23 Lowombuzo wabuzwa kuSonto sikole edolobheni lakithi. Umfana omncane wayekade ekuSonto sikole futhi wathi kunina, wathi, "Uma uNkulunkulu emkhulu kangaka, kungani umuntu othize engaMboni na?" Wathi, "SingaMbona, Mama na?"

Wathi, "Awu, awubuzi ngani uthisha wakho kaSonto sikole na?"

Wathi, "Buza umelusi."

Umelusi wathi, "Impela qha, ndodana. Akekho ongabona uNkulunkulu aphile." Nomfo omncane wamangala ngesitatimende somelusi.

24 Futhi wayevame ukuhlala ezansi eMfuleni i-Ohio, lapho engihlala khona osebeni lwawo, ngakhulela kulologu. Le enhla nomfula eSix Mile Island, lapho lomdobi omdala, umfana omncane wayevame ukuhamba naye, uyenyuka ukuba agijimise olayini bakhe ngolunye usuku, nomfana omncane wayenaye. Futhi emgwaqeni ezansi, nakho kukhuphuka isiphepho, futhi

bama emva kwezihlahla. Futhi emva kwesikhashana, isiphepho saphenya, futhi baqala ukuhamba ngesikebhe sabo esincane esigwedlwayo nabakubambile futhi. Futhi endleleni yabo behla, nakho kufika uthingo lwenkosazana emuva empumalanga, futhi lapho beya ngasentshonalanga, umdobi omdala nentshebe yakhe enamachopho ayisiliva, edonsa isikebhe, ebukela lolothingo lwenkosazana.

25 Nomfana omncane ehlezi kwingemuva lesikebhe waqaphela amaconsi ezinyembezi egijima entshebeni yakhe empunga, futhi washisekela, futhi wagijimela phezulu maphakathi nesikebhe, futhi wawela ezinyaweni zomdobi omdala, wayesethi, "Mnumzane, ngifuna ukukubuza umbuzo okubonakala sengathi akekho ongangiphendula." Wathi, "Ububuka lolothingo lwenkosazana, futhi siyafundiswa emiBhalweni ukuthi uNkulunkulu wenza uthingo lwenkosazana." Wathi, "Uma uNkulunkulu emkhulu kangako," wathi, "ukhona ongaMbona na?" Wathi, "Umelusi wathi akekho owayengaMbona, uthisha kaSonto sikole wathi akekho ongaMbona. Wena uthini na?"

26 Umdobi omdala, ehluliwe kakhulu, wadonsa izigwedlo zakhe esikebheni wase egona umfana omncane ezingalweni zakhe, futhi wathi, "UNkulunkulu ayibusise inhliziyo yakho encane, s'thandwa. Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amane edlule bekunguNkulunkulu." Ufanele abe ngaphakathi kuqala, ngaphambi kokuba niMbone ngaphandle. Uma Engaphakathi, Uzosebenzisa amehlo akho ukuba uMbone.

27 Kodwa ngiyamangala, phakathi . . . iningi lenu bantu lingamaPentecostal, futhi ngiyamangala . . .

28 Lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule eLouisville, kwakukhona inenekazi liza lehla esitolo esithize sezinto zikasheleni, futhi lalinengane encane ezingalweni zalo, umfanyana walo, futhi eneminyaka emine noma emihlanu ubudala, futhi laliya ekhawunteni futhi lalicosha into encane, futhi lithi, "Awubheke lokhu, S'thandwa," kodwa umfana omncane wavele wagqolozela. Futhi laliya kwenye ikhawunta, futhi libonakala lithola ukwethuka ngaso sonke isikhathi, futhi lalicosha enye into encane, bese lithi, "Buka lokhu, S'thandwa," kakhulu, nomfana omncane wavele wagqolozela.

29 Ekugcineni, laya ekhawunteni ethize futhi lathola ucezwana oluncane olukhehlezelayo olwabanga umsindo, futhi lwalukhehlezisa. Futhi lathi, "Buka lapha, S'thandwa," nomfana omncane wavele wagqolozela. Futhi lawela phezu kwekhawunta, likhathele futhi likhala izinyembezi.

Nabanye babantu ababekade beliqaphela, bagijimela kulo base bethi, "Yin'indaba, medemu na?"

30 Lalilokhu lithi, "O, qhabo, qhabo!" Lathi, "Udokotela ungitshele ukuthi ubengcono, kodwa akangcono." Lathi, "Uyabo, ungumfana omncane, ufanele abe nentshisekelo

ezintweni eziphathelene nabafana abancane." Kodwa lathi, "Uthole ilumbo esikhathini esingeside esedlule, futhi uvele nje ahlale futhi agqolozele, futhi angeke azinake izinto abafana abancane abebefanele bazibuke." Lathi, "Umqondo wakhe ukhubazeke ezintweni abefanele azibuke."

31 Futhi ngiyazibuza nje uma leso akusiso yini isimo sebandla lePentecostal kulobubusuku, nawo onke amanye amabandla. UNkulunkulu unyakazise zonke izipho ezincane, u-Oral Roberts, oBilly Graham, noJack Coe, futhi sonke isiphiwo esisencwadini, sinyakazisiwe phambi kwabo, futhi babonakala behlezi nje futhi bagqolozele, baba ngabakhubazekile ngokomoya, "O, awu, bekulungile. O, ngiyazi ukuthi lokho kungenzeka." O, ubungaqonda ukuthi lowo nguNkulunkulu ezama ukubamba ukunaka kwakho na? Siba ndikindiki ngokomoya.

32 Manje, umbuzo uthi: Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade. . .Futhi ngiyaqonda ukuthi kukhona indoda ehlezi lapha ngakwesokudla sami, futhi ngapha kuleliqembu elincane labantu kulobubusuku, ohlonyiswe kangcono ukuchaza lokhu kunami uqobo, kodwa inginakise uma ngithola eZwini.

33 Uma umBhalo uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke Ufanele abe ngofanayo, kungenjalo umBhalo unephutha. Futhi uma umBhalo unephutha, sikuphi, yisiphi isimo izwe lonke elikuso kulobubusuku na? Futhi khumbulani uJesu wathi, "ImiBhalo ingephulwe." Lokho kuvela emlonyeni kaKristu, iNdodana kaNkulunkulu. "ImiBhalo ingephulwe." Futhi uma umBhalo uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele afane, kungenjalo imiBhalo inephutha.

34 Manje, asilethe nje uNkulunkulu eZwini laKhe. Uma uNkulunkulu engaligcini iZwi laKhe, khona-ke Akasuye uNkulunkulu; futhi uma Egcina iZwi laKhe, sifanele sibe ngabantu abajabule kunabo bonke emhlabeni, ngoba uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe.

35 Manje khumbulani, singabanesiphelo, izingqondo zethu zinesiphelo, uNkulunkulu ungongenasiphelo, futhi okungenasiphelo kuphelele. UNkulunkulu wayazi ukuphela kusukela ekuqaleni.

36 Khona-ke ubuyothi, "Kungani Ubeyovumela ukugula na?"

37 Ngizonibuza umbuzo: Yikuphi okwakungokokuqala, uMsindisi, noma isoni na? UMsindisi. Yikuphi okwakungokokuqala, uMphulukisi, noma ukugula na? UNkulunkulu wakuvumela ukuze Aveze uthando lwaKhe namandla esintwini.

38 Ngani, lapho singeniswa eBukhoneni beNkosi uJesu ekuFikeni kwaKhe, kuyobakhona izingelosi eziyisigidi ezima zizungeze umhlaba namakhanda ekhotheme, zilalele iBandla licula amaculo okuhlengwa, zingazi ukuthi sikhuluma ngani.

Azikaze zilahleke, azazi ukuthi kusho ukuthini ukulahleka, mina nawe siyazi ukuthi kusho ukuthini. Azikaze zigule, azazi ukuthi zingajabula kanjani ngokuphulukiswa, azidingi kuphulukiswa. Ukuba kwakungakaze kube khona noma yibuphi ububi, kwakungeke neze kubekhona okuhle uku. . . Ukuba babungakaze bubekhona ubusuku, zazingasoze zazi lutho ngaphandle kwemini. Niyawubona umthetho wokwehlukana na? Kufanele kube ngaleyondlela.

39 Ngakho uNkulunkulu, ngenakathi Ebizelwa enkundleni ukuba enze isinqumo sento ethize, ningakugeji lokhu, nendlela uNkulunkulu enza ngayo ngenkathi Ebizelwa enhlekeleleni ethile, Ufanele njalonjalo enze ngendlela efanayo lapho inhlekelele efanayo iqubuka.

40 Uma umuntu wayeyisoni futhi wabiza uNkulunkulu ukuba aMsindise, futhi uNkulunkulu wamsindisa, Ubophezelekile ukugcina iZwi laKhe kuso sonke isoni esiMbizayo, noma uma Engakwenzanga, Wenza iphutha ngenkathi Esindisa owokuqala.

41 Niyabo, ngingenza iphutha, ungenza iphutha, kodwa uNkulunkulu angeke alenze iphutha, uma Elenza, khona-ke Akasuye uNkulunkulu, U—Unesiphelo njengoba nginjalo, njengoba unjalo. Kodwa U—isinqumo saKhe sokuqala. . . Niyabo, siya ngokuhlakanipha, sifanele, isizukulwane ngasinye. Umkhulu wakho wayenenqola yezinkabi, uyihlo wayeneT-Model, futhi namhlanje banendiza ijeti. Kodwa niyabo, isizukulwane ngasinye siya ngokuba buthakathaka futhi sihlakaniphe ngokwedlulele. Kodwa uNkulunkulu wayengongenasiphelo kwasekuqaleni, Wayengongenasiphelo, Angeguquke, ngakho lapho uNkulunkulu enza isinqumo kunoma iyiphi into ethize, uma leyonhlekelele efanayo ivuka, Ufanele enze into efanayo, noma Wenza ngokungesikho ngenkathi Enza okokuqala. Manje kubambeni lokho emqondweni.

42 Futhi manje, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, nendlela Azembula ngayo ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi Uyafana, Uzofanele enze ngendlela efanayo, kungenjalo Wenza ngokungesikho kumaJuda.

43 Manje khumbulani, uJesu akathunyelwanga kwabeZizwe, noma akukho namunye weBandla laKhe owathunyelwa kwabeZizwe, Wathunyelwa kumaJuda. "Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga." Ngenkathi Ethuma abafundi baKhe, wathi, "Ningayi kwabeZizwe, kodwa yanini ezimvini ezilahlekileyo zika-Israyeli." Ngabe kunjalo na? Wathunyelwa kumaJuda.

44 Ngakho indlela Azimemezela ngayo kumaJuda ukuthi unguMesiya ngosuku lwawo, Uzofanele enze okufanayo kwabeZizwe, kungenjalo Wenza ngokungesikho ngenkathi Ezimemezela Yena uqobo kumaJuda ngalolosuku.

45 Buthathu kuphela ubuzwe babantu, lelo yiJuda, oweZizwe, nomSamariya, okunguHamu, abakaShemi, nabantu bakaJafete, bafanele bavele kulabo bobathathu, ngoba konke kwabhujiswa embubhisweni yangaphambi kukazamcolo.

46 Ngakho, uma uqaphela uPetru, enezihluthulelo: iPentekoste, amaSamariya; iZenzo 10:49 kwabeZizwe, khona-ke uMoya oNgcwele wawuvulekele zonke izizwe zabantu. Qaphelani, akabange esabizwa futhi enezihluthulelo zoMbuso.

47 Manje, khona-ke ngenkathi . . . Uma kukhona . . . Bengiyothi kini maMethodisti: Uyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na?

Ubuyothi, "Impela."

Kinina maBaptisti na?

"Impela."

Wena Pentecostal na?

"Impela."

48 Kodwa manje, indlela esizama ngayo ukuMenza afane, indlela amaMethodisti azama ngayo ukuMenza afane, amaBaptisti, okufanayo, amaPentecostal, okufanayo kukwenza . . . Asibuyele emuva futhi, ukuba sibe kukho nje, asibuyele emuva futhi sibone ngokweBhayibheli indlela Ayeyiyo, bese kuthi-ke uma Engafani njengoba Wayenjalo eBhayibhelini, khona-ke Akafani. Manje, uma Engesuye ngomgomo, ofanayo emandleni, ofanayo ekubonakalisweni, yonke indlela Ayeyiyo ngaleyonkathi, Akafani.

49 Manje, uma sizama ukuthi Uyafana ngoba Uqoqela abantu ndawonye, awu, abakaMohamede basishayile, okuthathu kokukodwa.

50 Futhi wena uthi, "Awu, siyajabula futhi sinenjabulo ngokukwazi."

AbakaMohamede bangaveza impela nje isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njenganoma yiyiphi iPentecostal eyake yaphila.

51 Ubufanele uzwe ukuthi uMorris Reidhead wathini ngalokho ngenkathi lowo kaMohamede enemfundo yakhe futhi ebuyela emuva. Wathi, "Awuhambi ngani noJesu ovukile futhi esikhundleni somprofethi ofileyo, uMohamede." Ngike ngaba sethuneni likaMohamede, Banehhashi elimhlophe elishintshwa njalo emahoreni amane, futhi sebebelapho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, belindele ukuba uMohamede avuke kwabafileyo.

52 UBuda wafa eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nantathu eyedlula eJapani. Futhi waye . . . Lokho kungokwesibili ngobukhulu. UbuKristu, iKatolika,

neProtestane, konke ndawonye, cishe kungokwesithathu noma okwesine ezansi ngomugqa.

53 Yini indaba na? Yingoba sehlulekile ukwenza lokho uJesu asiyala ukuba sikwenze. Sihambile futhi senza izinhlangano, sakha amasonto, sakha izikole. Wathi, "Nishumayele iVangeli." IVangeli alisikho ukuhlela amabandla, wakhe izikole, konke kulungile, kodwa ukushumayela iVangeli . . . IBhayibheli lathi, "IVangeli liza kithi," uPawulu wathi, "hhayi ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla, ukukhonjiswa, ukubonakaliswa kukaMoya oNgcwele. Hambani nibonakalise uMoya oNgcwele kulo lonke izwe."

54 Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje, ngabe lokho kulungile noma akulungile na? Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Manje, umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo. Bangaki okwaziyo lokho na? Phakamisa isandla sakho. Impela uyakwazi. Likutholaphi ukuphila kwalo na? Kuvela emvinini.

55 Manje, lapha esikhathini esingeside esedlule, bengixoxa ngalokho: Uma bengifuna ukuya emvinini wamagilebhisi, ngilindele ukuthola amagilebhisi; uma ngiye emvinini wethanga, bengiyolindela ukuthola amathanga; uma ngiye esihlahleni samapentshisi, uthola amapentshisi; uma uya emvinini wekhabe, uthola amakhabe. Kodwa lapho uya ebandleni, utholani na? Isigejane sokuphikisana, ukuxoxisana, nokuqophisana, nokukhathazeka, nokuhlela, nemiphakathi. Sidinga uKristu abuyele ebandleni futhi ekugcwaleni namandla okuPhila kwaKhe! Sithola yonke into, cishe impela, ngaphandle kukaKristu, yilapho esinephutha khona. Singumvini, futhi uma sinoMoya waKhe kithi, Uzobonakalisa Yena, impela, Uzobonakalisa.

56 Manje, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Angenzi lutho, ngaphandle kokuthi uBaba aNgibonise kuqala ukuthi ngenzeni." Bangaki okwaziyo lokho na? UJohane oNgcwele 5:19. Wehlela echibini laseBethesda, Wafumana indoda ilele ohlakeni, Waqalaza. Manje, nina baseningizimu niyazi ukuthi yini umbhede wamapulangwe, ngingakusho lokho enhla eNyakatho, futhi abazi ukuthi ngikhuluma ngani. Kodwa umbhede wamapulangwe, ngakhuliswa kuwo. Ngakho-ke, u . . . Kuyindwangu endala emabhadubhady yokumboza umbhede indlalwe phansi emnyango.

57 Futhi ngakho-ke, lapho siqaphela lendoda ilele embhedeni wamapulangwe, uJesu wahamba wazungeza waze Wayithola, futhi Wayiphulukisa, futhi wasuka wahamba futhi washiya izixuku zezinyonga, izimpumputhe, izishosha, nabashwabene belele lapho; umBhalo uthi Wakwenza. Izimpumputhe, izithulu,

izinyonga, abakhubazekile, izingane ezinamakhanda anamanzi, Wahambahamba esiminyaminyeni ngqo sabo bonke, waze Wathola lendoda ethize ilele lapho. Yayikwazi ukuhamba, mhlawumbe yayinenkathazo yendlala yesinye, noma okuthize, kwakubambekile, yayineminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Yayikwazi ukuhamba, yathi, "Lapho ngehla, omunye umuntu uhamba phambi kwami."

58 UJesu wathi, "Thabatha uhlaka lwakho." Manje bhekisisani, Wathi Wayazi ukuthi wayekade ekulesosimo sonke lesisikhathi.

59 Manje, ngenkathi uJesu ebuzwa eSanhedrin, manje bhekisisani, mhlampe kwakuyilokhu: "Kungani lomuntu ethwele umbhede wakhe ngeSabatha na? Awubaphulukisanga ngani abanye babo bonke na? Sinaso sonke isigejane sabo ezansi lapha. Awubaphulukisi ngani na?"

60 Lalelani amaZwi aKhe, e. . .Manje, uJohane oNgcwele 5:19: "Ngiqinisile, ngiqinisile," okusho ukuthi *ngokoqobo*, "Ngithi kuwe, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza." Manje, uJohane 5:19. Manje, uma imiBhalo ingephulwe, uma uJesu enza noma yini ngaphandle kokuba uBaba aMtshele kuqala ukuthi akenzeni, Washo into eyiphutha lapho. "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Eku*bonayo*," hhayi ekuzwayo, "E*bona* uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo." Ngamany'amazwi, Wakulingisa emdlalweni wasesiteji. Kwakungakaze kubekhona umprofethi, kwakungakaze kubekhona umuntu emBhalweni owake wenza izinto ngokungacabangi, kuqala, kwakungumbono.

61 Omunye wathi esikhathini esingeside esedlule, "Biza umlilo wehle, noma *enye into ethize* njengoba kwenza u-Eliya."

Ngathi, "Kuqala, uNkulunkulu wakhombisa u-Eliya."

"O, qhabo," kwasho indoda, "Akazange."

62 Ngathi, "U-Eliya wabeka lezozinkuni nezinto ngokuhlelekile, futhi wathi, 'Nkosi, ngenze konke lokhu ngokuyala kwaKho.'" Njalo, akukho-muntu, akukaze kubekhona umuntu, ngisho naseNdodaneni yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, wayengake asho phakathi kwaKhe uqobo ukuthi Wenze noma yini ngaphandle kukaNkulunkulu.

63 Futhi uma umuntu ekutshela ukuthi angakuphulukisa, yisiphi isikhundla azifaka kuso, ngenkathi ngisho neNdodana kaNkulunkulu yathi Ayibaphulukisanga abantu na? "AkusiMi owenza imisebenzi, NguBaba wami ohlala kiMi, Wenza imisebenzi. Futhi Angenzi lutho aze ANgikhombise ukuthi ngenzeni kuqala." Lowo kwakunguJesu izolo, lowo nguJesu namhlanje.

64 Manje, ake siMlandele kancanyana nje futhi sibone ukuthi Ubeyokwenzani. Sifunda kuJohane oNgcwele i—isahluko 12.

Asiphenye emuva manje, lamaGreki anhliziyo zilambile... Asibuyele esahlukweni 1 futhi nje sifunde impilo yaKhe.

65 Futhi manje, uma singathola lokho Akwenza izolo, uma Ezokwenza okufanayo namhlanje, futhi uzosivumela siMbone ekwenza khona lapha phambi kwethu sonke, sonke sizojabula ngakho, singeke yini, futhi sazi ukuthi Usaphila na?

66 Manje, khumbulani, ake ngicaphune lokhu ngaphambi kokuba ngibuyele emuva: "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," (Manje, lelogama lapho yi*kosmos*, okusho "uhlelo lwezwe." ) "izwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina," lelo yikholwa, "ngokuba Ngiyakuba nani kuze kube sekupheleni konyaka," ukuphela kwezwe.

67 Manje, izwe ngeke libone, akunandaba...kunabantu abazalwayo, siyakuzonda ukusho lokhu, kukhona abantu abazalelwa ukubhujiswa kwaPhakade, umBhalo usho njalo. KwabaseRoma 8 bathi, "Ngaphambi kokuba u-Esawu noma uJakobe aze azalwe, noma baphume esizalweni sikanina, uNkulunkulu wathi, 'Ngiyamzonda u-Esawu futhi ngiyamthanda uJakobe,'" ngaphambi kokuba noma yimuphi umntwana abe nethuba. UNkulunkulu ngakho, hhayi ukumisela ngaphambili, ngentando yaKhe, kodwa ngokwazi kwaKhe ngaphambili Wayazi ukuthi u-Esawu wayengumkhohlisi kwasekuqaleni nje. Ngiyaxolisa ngalesosisho, kodwa lokho nje kuchaza "imbuka." Ngakho yilokho ayeyikho, noNkulunkulu ngokwazi ngaphambili wakwazi. Futhi abanye abantu, akunandaba ukuthi ubuyokwenzani, bayolokhu bengakukholwa. Kodwa uNkulunkulu ulungile, Uyaligcina iZwi laKhe.

68 Abazange bamazi u-Elisha, kungenjalo babengeke bathumele labobantwanyana emva kwakhe, noma, u-Elisha, bethi, "Mpandla endala, kungani ungazange ukhuphuke na?" Futhi u-Elisha waphenduka wabaqalekisa labobantwana; amabhere esifazane amabili abulala abantwana abangamashumi amane nambili.

69 Babengamazi uJohane umBhaphathizi, ngisho nabafundi baKhe babengamazi kwaze kwaba semva kokuba esenqunyiwe ikhanda. Bathi kuJesu, "Basholoni ababhali ukuthi u-Eliyase umelwe ukufika kuqala na?"

70 UJesu wathi, "Usefikile vele futhi animazanga." Akekho owayazi, cishe impela kodwa nje abambalwa impela ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu kwaze kwaba ngukufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka.

71 Niyasho, nina maKatolika, nizisho ukuthi uPatrick oNgcwele, senake nawufunda umlando wakhe wangempela na? Wayethi nje akabe yiKatolika impela njengoba nginjalo, wabhikishela ibandla eliKatolika, futhi wenza izimangaliso. Kodwa emva kokuba esefile, namqonda njengongcwele.

72 Kuthiwani ngoFrancis oNgcwele wase-Assisi, umshumayeli ohambayo neBhayibheli ekhwapheni lakhe, owenza izinyoni zithule ngenkathi esashumayela na? Anizange nimazi ngaleyonkathi, kodwa namazi kamuva emva kokuba wayesefile.

73 Kuthiwani ngani bantwana besikole, Joan of Arc, nina bantu abangamaKatolika na? Lowo wesifazane kamoya, owabona imibono futhi wagcwaliswa ngoMoya, futhi namshisela esigxotsheni njengomthakathikazi, njengoBelzabule, njengeNkosi yakhe yabulawa. Nina, ibandla eliKatolika, nenza lokho. Kodwa cishe eminyakeni eyikhulu kamuva, nathola ukuthi wayengongcwele, kusobala nenze inqwaba yokuphenduka, namba izidumbu zalabobapristi futhi naziphosa emfuleni. Manje niyamngcwelisa njengongcwele.

74 UNkulunkulu uzimemezela Yena kuyo yonke iminyaka, futhi Uzozimemezela Yena uqobo kulobubusuku, kungenjalo Akasuye uNkulunkulu womunye unyaka. Nabantu uzofanele akwenqabe, njengoba benza emuva lapho, Izinceku zaKhe zizofanele zihlupheke njengoba zenzile; kufanele kugcwalise imiBhalo.

75 Manje qaphelisisani, njengoba siqhubeka. Ubeyini izolo na? Buyela kuJohane oNgcwele 1 futhi ufunde. Siyathola masinyane emva kokuba Esegcotshwe ngoMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele wangena kuYe, Waqala, uqala ukuqoqa abafundi baKhe. Futhi omunye waphenduka futhi wahamba futhi wathola umfowabo, igama lakhe kwakungu-Andreya, futhi Wahamba wathola uSimoni, umfowabo, omdala, umdobi ongazi lutho. Wayengafundile kakhulu waze wayengakwazi ukubhala igama lakhe uqobo.

76 Kuyini ukufunda kwakho esikoleni, nemfundo, namakolishi eBhayibheli, nezinto eninazo uma uNkulunkulu ethathe indoda enjalo eyayingakwazi ukubhala igama layo na? Angibehlisi, kodwa ugcizelela kakhulu kulabo, ukhipha umshumayeli wakho kwelinye ikholiji. Akuthathi isehlakalo sasekholiji, kuthatha isehlakalo sikaNkulunkulu sangemuva kogwadule. UNkulunkulu uthatha into engesiyo, futhi enze okuthize ngayo, ukukhombisa ukuthi Unguye.

77 Lomdobi omdala wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, engafundile kakhulu. Futhi u-Andreya wamfumana, wayesethi, “Woza ubone, simfumene uMesiya,” uJohane oNgcwele 1. Futhi kwathi nje, bhekisisani uJesu izolo, futhi kwathi nje angangena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, “Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJonase.”

78 Ucabanga ukuthi lowo ongazi lutho, umdobi ongafundile wacabangani na? Akazange akubuze nhlobo. Wayazi ukuthi wayeseBukhoneni bukaMesiya. Futhi wathola izihluthulelo zoMbuso, umuntu owayengakwazi ukusayina igama lakhe.

79 Ngosuku olulandelayo, kwakukhona oyedwa ophendukile ogama linguFiliphu, uJesu izolo, bhekisisani ukuthi Wenzani, futhi kwathi nje uFiliphu angaphenduka, wazungeza intaba ukuba athole umngane wakhe ogama linguNathanayeli. Futhi u. . . Ake sikwenze umdlalo wasesiteji lokhu nje, kukhona abantwana abancane lapha. Futhi ngibona uFiliphu ehambahamba, ephuthuma, futhi ufika endlini futhi ungqongqoza emnyango. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Nenenekazi liza emnyango, futhi uthi, "Uphi—uphi uNathanayeli na?"

80 "O, yena nje, Filiphu, usanda kuphuma nje wangena engadini yezithelo ukuyokhuleka."

81 Futhi phandle engadini yezithelo kuhamba uFiliphu, ngamandla akhe onke nje ukuba athole uNathanayeli. Futhi ngenkathi ethola uNathanayeli, kusobala uFiliphu wayengumnumzane ohloniphekile ongumKristu, wayeguqe ngamadolo ekhuleka, walinda waze waqeda wayesesukuma, ethintitha izingubo zakhe zokugqoka. Futhi yena, ngiyamuzwa ethi, "Sawubona ekuseni, Filiphu. Ngijabula kakhulu ukukubona futhi."

82 Qaphelani, ngaphambi kokuba uFiliphu asho noma yini, wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene!" Uma ibandla beliyoba nentshisekelo kangako ekuyiseni uKristu kubantu, esikhundleni seningi kangaka inhlebo yenhlaliswano nokuqhubeka, bekhuluma nga*lesi*sivumokholo na*leso*sivumokholo! Akazange azinike ngisho nesikhathi sokukhuluma naye, wayenento ethize ebaluleke kakhulu, wathi, "Woza, ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa!"

83 Manje, uNathanayeli wayengowomthetho, ikholwa lokuqina. Futhi sengiyamuzwa ethi, "Manje, umzuzu nje, Filiphu. Ngikwazile ukuthi uyindoda ehloniphekile, indoda enobuqotho, ngi—ngikholwa ukuthi uyindoda elungileyo. Kufanele ukuthi uchezukele ekupheleni okujulile ndawo ndawo." Wonke umuntu othola uJesu ngempela, izwe licabanga ukuthi baye ekupheleni okujulile. "Ufanele ukuthi uchezukele ohlobweni oluthize lwe*nkoleloze*. Ushilo yini ukuthi loMesiya okhuluma ngaye, uvela eNazaretha na?" Kubi ukwedlula iDallas.

84 Wathi, "Ngani, uqonde ukusho ukuthi Kungaphuma lapho na? Ngani akunakwenzeka! Manje buka lapha, mfo, uma lowoMesiya ubeyofika, Ubeyofika eJerusalema, Ubeyofika kuKayafase umpristi omkhulu, nabo bonke abanye abapristi, Wayezozazisa Yena uqobo ukuthi WayenguMesiya."

85 Nina maKatolika nicabanga ukuthi uma Ubeyofika, Ubeyoya kuPhapha; nina maPresbyterian niyocabanga ukuthi Ubeyoya kumbhishobhi; wena Pentecostal ucabanga ukuthi

Uyoya egoseni lesifundazwe, kodwa uNkulunkulu uya kulowo Afuna ukuya kuye futhi wenza lokho Afuna ukukwenza, futhi akusiwo umsebenzi womunye umuntu. Usebenza ngezindlela ezingaqondakali, Uya lapho kuMthokozisa ukuya khona. Ngakho ibhodwe alikwazi ukubiza iketela ngokuthi limnyama, kukhumbule lokho. UNkulunkulu usebenza ngendlela yaKhe uQobo, futhi Wenza noma yini Afuna ukuyenza.

86 Futhi Wathi, "Uqonde ukuthi Ubezoya eJerusalema."

87 Yilokho abakucabangayo kulobubusuku, "Uma kungabakhona noma yimaphi amandla okuphulukisa, uma kungabakhona noma yikuphi ukubonakaliswa, bekuzofanele kufike ngehlelo *lami*."

88 UNkulunkulu ubenza iziwula izikhathi eziningi kakhulu. Niyabo? Ubehlala njalo ekwenza, futhi Uzokwenza njalo. Akaguquki, Uzofanele ahlale efana. Ngitshele kanye ukuthi Wake wafika ehlelweni. Kusho emBhalweni, nomaphi o—onyakeni, lapho uNkulunkulu ake asebenzana khona nehlelo.

89 Kwakukhona indoda ethize eyasungula lelohlelo Ayesebenzana nalo, kodwa ihlelo laya ezinzalweni, futhi ngenkathi enza, Walibeka phezulu eshalofini futhi akukho namunye osewake wavuka selokhu Alibeka eshalofini. INsika yoMlilo iqhubekela phambili noNkulunkulu uhamba naYo, nomunye uyakubona futhi aqhubeke.

90 UMartin Luther waKuthola, wathi, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa." Kodwa wenzani na? Wakha inhlangano ngaphansi kwakho. UNkulunkulu akekho ezinhlanganweni, ngakho Wavele waphuma, futhi ngenkathi Ekwenza, washiya uLuther nenhlangano yakhe.

91 Kwase kuthi-ke uJohn Wesley wakubona, futhi wasuka wahamba, ukungcweliswa, umsebenzi wesibili oqinisekile womusa. Futhi into yokuqala, wazihlela, wenza amaMethodisti, uNkulunkulu wavele waqhubeka waphuma nje.

92 AmaPentecostal akubona embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, kodwa manje senihleleke naqina kakhulu, uNkulunkulu uqhubeka nje ephuma ngqo futhi ekushiya. Kunjalo. UNkulunkulu akaboshiwe kunoma yiliphi ihlelo kumbe noma yisiphi isithiyo, Ubophezelekile kuphela eZwini laKhe, yilokho kuphela. Futhi Uyakwenza, futhi Uyaligcina iZwi laKhe, Ufanele akwenze.

93 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, ulwa nenhlangano."

94 Ocabanga ukuthi lokho akusikho ukufunda imicabango yami—yami. Angikwenzi, ngicabanga ukuthi kukhona amadoda amakhulu nakhazimulayo kuzo zonke izinhlangano, kodwa lapho ucabanga ukuthi nguwe kuphela obalulekile, unephutha. Kunjalo. Nina maMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iPentecostal, i-Assemblies of God, iChurch of God, noma

ngabe uyini, unabantu abakhulu kuwo wonke, unabantu abakhulu kuwo, kodwa ungalokothi uthole umqondo wokuthi awuzukuhlanganyela nomunye, futhi uhlale ungaleyondlela, awusoze wakwenza. UNkulunkulu uthanda iBandla laKhe lonke, wonke uMzimba kaKristu, futhi yilapho Asebenza khona.

95 Manje mqapheleni, noNathanayeli wayephumule kulokho, futhi wathi, "Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

Ngicabanga ukuthi uFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke eyayinganikezwa, wathi, "Woza, ubone."

"Awu, ibandla lami alibambisani."

"Lokho akunandaba, woza ubone, noma kanjani!"

96 Futhi uma uNkulunkulu esebenzana nawe, akukho okwenele ezweni ukukudedisa kuKristu. Akukho lutho oluyokuvimbela kuYe. "Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi." Yilokho Akusho.

97 Futhi manje qaphelani, wathi, "Woza ubone."

98 Manje, ake sibabhekisise lapho bezungeza. Kwakungamamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba, kubathathe uhambo losuku ukuya nokubuya. Futhi ngakho endleleni ebuyayo, sengiyamuzwa uFiliphu ethi, "Uyasazi isizathu sokuba sazi ukuthi lona nguMesiya na? Uyakhumbula ngaleyonkathi uthenga lezozinhlanzi ezansi lapho kulowomfo omdala ogama linguSimoni na?"

"O, yebo, lowo omdala, umdobi ongazi lutho ongakwazanga ukusayina irisidi yami na?"

99 "Yebo. Awu, uyazi, kwathi nje lowo omdala, umdobi ongazi lutho ekhuphukela eBukhoneni baloMesiya, Wamtshela, 'Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJonase.' Bekungeke kungimangaze, Nathanayeli, ukuthi lapho ungena eBukhoneni baKhe, Ubengeke akutshele ukuthi ungubani, nawe. Ubonakala sengathi uyazi, wehlukanisa umoya wabantu, Uyazi ukuthi yini ekubantu, Uyazi ukuthi yini indaba ngabantu."

100 Futhi lapho benyuka, uJesu enqubweni yaKhe ejwayelekile, mhlawumbe wayemi emgqeni womkhuleko, bese kuthi-ke ngenkathi uFiliphu enyukela ebandleni emletha emhlanganweni ngalobobusuku, noma imini, noma ngabe kwakunini, wenyukela eBukhoneni, okokuqala ukuba ake abone uJesu, bhekisisani uJesu izolo, uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

101 "Awu," wena uthi, "wayegqokile . . . "

102 Qhabo, qhabo, wayengaba ngumArabu, wayengaba ngumGreki, bonke bagqoka ngokufanayo, bafaka imishuqulo nezingubo ezinde, izingubo ezinde, bona abantu abanesikhumba esimnyama, wayengaba ngumArabu, noma wayengaba nobuzwe obuningi.

103 Kodwa Wathi, "UngumIsrayeli, nolungileyo, umuntu oqotho, okungekho nkohliso kuye."

Ngani, kwakheqa lowomJuda ezinyaweni zakhe, waze wathi, "Rabi," thisha, "Uke wangibona nini na? Ungaze nini na?"

Futhi uJesu wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, Ngakubona ngenkathi ungaphansi komuthi."

104 Lowo kwakunguJesu izolo, yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo phambi kweJuda. Thola noma yimuphi omunye umBhalo lapho Ake Azazisa khona nganoma iyiphi enye indlela, ngaphandle kwaleyondlela, yileyondlela kuphela Enza ngayo.

105 Manje bhekisisani, nakho ukuzwakalisa kweJuda leqiniso. Lathini leliJuda leqiniso, ngokuthi isimangaliso senziwa kubani na? Wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

UJesu wathi, "Ngoba ngikutshele lokho, uyangikholwa na? Uzobona izinto ezinkulu kunalokhu."

106 Kodwa kwakukhona labo ababemi eduze, bengcwele kakhulu, ibandla lomthetho, elokuqina, i-D.D.D., Ph., ophindwe kabili uL.D., bemi bonke eduze, futhi niyazi ukuthi bathini na? Babefanele bakuphawule ngokuthile, kodwa amehlo abo ayephuphuthekile, iBhayibheli lasho, kulokho.

107 Manje, nakho okwashiwo yiJuda leqiniso langempela, uNathanayeli wayemele ikholwa leqiniso, uJesu wamqonda njengekholwa. Futhi ngenkathi uJesu emtshela ukuthi wayekuphi ngaphambi kokuba eze emhlanganweni, wazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, yisibonakaliso sikaMesiya namhlanje. Uzofanele Aziveze ngendlela efanayo uma EnguMesiya, uMesiya ofanayo.

108 LawomaJuda ama eduze, athi, "Lomuntu ungumbhuli, uBelzabule." UBelzabule uyinkosana yodeveli, okungumbhuli; sonke siyazi ukuthi ukubhula kungokukadeveli. Ngakho wathi, "Lomuntu usho lezizinto ngoBelzabule."

109 Manje lalelani ukuthi uJesu wathini, nakhu ukuzwakalisa kwaKhe, mngane ongumKristu, nomngane oyisoni, futhi: "Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa," ngamazwi amaningi kakhulu, "ngolunye usuku uMoya oNgcwele uzofika futhi uzokwenza into efanayo; futhi lowo okhuluma izwi elilodwa elimelene naWo akasoze athethelelwa, kulelizwe, nasezweni elizayo."

110 Ngabe Wakusho na? Manje-ke hlobo luni lwendawo okusifaka kuyo na? Izwi elilodwa elimelene naWo! Ngokuba uMoya oNgcwele ulapha iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukuba Azibonakalise, *nanku* umBhalo waKhe olotshiwe ophathelene nakho.

111 Lezozinsuku babefanele bakwazi ngesambulo, namhlanje nikwazi ngeZwi *na*ngoMoya. "UBaba ufuna abanjalo abakhuleka ngoMoya nangeqiniso." Niyabo? Kulungile. Nakhu la sikhona.

112 Manje, lawomaJuda, siyazi ukuthi kwenzekani kuwo. Kodwa ikholwa langempela . . . AsiMlandele siqhubeke kancane, asiphenye ngale kuJohane oNgcwele, isahluko 4, khona manje; singuJohane oNgcwele 1, uJohane oNgcwele 3, uJohane oNgcwele 4, noJohane oNgcwele 5. Manje, khona phansi nje ngqo emBhalweni, ethatha nje impilo yaKhe, indlela A—Ayiphila ngayo nalokho Akwenza, asiMlandele.

113 Manje, kwakukhona izigaba ezintathu zabantu, okwakuyiJuda, oweZizwe, nomSamariya. Wayenqatshelwe koweZizwe; akakaze nakanye Ake akwenze lokho phambi koweZizwe. Ngani na? Sasingabahedeni bangalezozinsuku, sasikhonza izithombe, i-Anglo-Saxon yayinjalo.

114 Qaphelani, manje lalelisisani manje, ukuze ningakugeji lokhu, lona ngu ISHO KANJE INKOSI. UJesu, ohambweni lwaKhe, wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, futhi Wahlala phansi emthonjeni, okuyindawo encane ebonakala ngasikhathi sinye, into enjengale ibiyoba lapha futhi kunemivini phezu kwayo. Nonke ebenilapho, niwubonile umthombo, umthombo waseSamariya; banawo kuwo onke amazwe asempumalanga. Nemivini ikhula phezu kwawo, futhi kukhona umthombo lapho khona a, ngumthombo womphakathi lapho abantu bomuzi beza khona ukuzokha amanzi.

115 Awu, kwakucishe kube yisikhathi sasemini futhi Wathumela abafundi baKhe ukuba bayothenga ukudla. Besephakathi lapho, ngani, owesifazane waphuma, ake sithi wayengowesifazane omuhle, obukekayo. Simazi njengonondindwa, lowo ngowesifazane onegama elibi. Mhlawumbe wayelele usuku lonke, ephumile ubusuku bonke ezulazula, noma mhlawumbe wayengenakuphuma lapho abesifazane abahloniphekile wayekhona, wayefanele aphume ngalesosikhathi ukuyokha amanzi. Namanzi, anesigwedlo sokwehlisa imbiza, futhi ine—isibambo phezu kwalembiza yobumba, ibhodwe, bayayehlisa bese bekha amanzi.

116 Ngibabonile bethatha futhi bebeke owodwa omkhulu, ujeke ongamagalani amahlanu phezu kwekhanda labo, owodwa enqulwini ngayinye, bahambe behle ngesitaladi, banqekuzise ikhanda labo, bekhuluma njengoba owesifazane enza, niyazi, futhi abalokothi bachithe ngisho iconsi, behamba nembiza ngapha nangapha, amagalane ayishumi nanhlanu amanzi, behambisana ngqo, bexoxa.

117 Awu, lona wesifazane uyaphuma ukuzozikhela ibhakede lamanzi. Futhi lapho ebeka amahhuku amancane azungeze i—isibambo sojeke, futhi waqala ukwehlisa isigwedlo, iPhimbo

lakhuluma lase lithi, "Sifazane, Ngiphuzise." Futhi wabuka, futhi wabona iJuda lihlezi laphaya, iJuda eliphakathi nendima yempilo.

118 Wayenamashumi amathathu nantathu kuphela, kodwa iBhayibheli lathi Wayebukeka enamashumi amahlanu. "Ngabe Wena umdala kuno-Abrahama, lapho Ungumuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, "UJohane oNgcwele 6, "futhi uthi Ubone u-Abrahama na?" Niyabo?

119 Manje, Wathi. . . Nakho kuhlezi iJuda eliphakathi nendima yempilo. Nalona wesifazane, engumSamariya, efundiswe kahle, wayekholelwa kuNkulunkulu, futhi, wathi, "Akusilo isiko, sinokwehlukana ukuthi thina maSamariya namaJuda asinanhlanganyelo omunye nomunye, asina—asidlelani ndawonye."

Wathi, "Sifazane, ukuba bewazi ukuthi Ubani obekhuluma nawe, ubuyocela kiMi amanzi. Ngikunika amanzi ungezi ukuzokha lapha."

120 Wathi, "Uqonde ukuthi Wena umkhulu kunobaba wethu," niyabo, "uJakobe na?" Wayeyikholwa elingumIsrayeli. "Uqonde ukusho ukuthi Umkhulu kunobaba wethu uJakobe, owamba umthombo, waphuza kuwo, qobo lwakhe, nezinkomo zakhe nabantwana baphuza kuwo na?"

121 Nengxoxo yaqhubeka. Wayenzani uJesu na? Exhumana nomoya wakhe. Niyabo? Mbhekisiseni. Ekugcineni, ubuza ngokukhonza eJerusalema, noma kulentaba. Wathi, "Isikhathi siyeza lapho uNkulunkulu eyo. . . funa labo abangakhuleki kulentaba, noma eJerusalema, kodwa ngoMoya nangeqiniso." Ngenkathi Ethola lapho inkathazo yakhe yayikhona. . . Bangaki owaziyo ukuthi inkathazo yakhe yayiyini ngaphambi kokuba ngiyisho na? Wayephila ngokuphinga. Wathola inkathazo yakhe, futhi Mlalel eleni, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Mnumzane, anginandoda."

Wathi, "Usho kahle, ngokuba ubunayisihlanu; nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Ngakho-ke usho kahle."

122 Manje, wathini na? "Awusho, unguBelzabule, ungumbhuli, unokufunda ingqondo." Qhabo, mnumzane. Wayazi kangcono. Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma uhhafu wabashumayeli e-United States wazi, yena engunondindwa.

123 Lalelani ukuthi wathini, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi." Manje, uma uzobuyisela lelogama emuva, uzothola ukuthi ngukuthi "*u*mProfethi" uMose athi, "iNkosi uNkulunkulu Wenu iyakuvusa onjengaMi." Babebheke lesosibonakaliso.

124 Wayenjalo noNathanayeli, ayekanjalo onke amaJuda eqiniso ayekubhekile, kodwa i, zonke izinhlangano ezinkulu nezinto,

babenokuthandwa ngabantu nezindawo zabo ezinkulu, futhi babengakubhekile okunjalo, kwakungesikho okokomoya. Kuhlala njalo kungabantu bakamoya ababona uNkulunkulu, kuhlala njalo kungabantu bakamoya ababona izinto zikamoya.

125 Umfo wathi esikhathini esingeside esedlule, “Angikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, angikhathali ukuthi uthini.”

126 Ngathi, “Impela qha, akuthunyelwanga kwabangakholwayo, kwathunyelwa kulabo abakholwayo kuphela. Impela. Kungokwekholwa nje. Impela awukwazi ukukubona.”

127 Wayesethi, “Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Thina,” amaSamariya, “siyazi, siyafundiswa, siyakholwa, kwembuliwe kithi, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?”

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

Wawisa imbiza yakhe yamanzi, washo wangena emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?”

128 Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunokuba, ngiyasho futhi, abashumayeli bazi, wayazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Abafundile, abantu abayizifundiswa zangalolosuku bathi, “UnguBelzabule.” Namhlanje bathi ngukubhula noma ukukhwelwa amademoni, bengazi ukuthi babeka uphawu isiphetho sabo saPhakade.

129 “Siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?”

Wathi, “NginguYe.”

Wayesethi, “Lona akusuye yini uMesiya impela, iNdoda engitshele izinto engizenzile na?”

130 Manje, ngabe wazi kakhulu ngakho kunoma kwazi abashumayeli na? Abashumayeli bayofika futhi balalele, futhi bathi, “A, umbhedo kulokho.”

131 Lowo wesifazane wakubona, futhi wathi, “Leso yisibonakaliso sikaMesiya.” Wangena emzini wayesethi, “Wozani, nibone loMuntu.”

132 Futhi khumbulani, Akenzanga-zimangaliso, Wabatshela nje ngqo ukuthi WayenguBani, naleso kwakuyisibonakaliso ukuthi Wabazisa ukuthi WayenguMesiya, ngoba uFiliphu wehla kamuvanyana kulokho futhi wabamba imvuselelo futhi waphulukisa abagulayo. Kodwa lowo bekunguJesu izolo, Uzofanele abe ngofanayo.

133 Manje khumbulani, Akazange akwenze lokho phambi kwanoma yimuphi oweZizwe, Wakwenza kuphela kumJuda nomSamariya. Futhi umSamariya wayengowohlobo uhhafu

olwalukholelwa kuJehova, kodwa abeZizwe babengabahedeni. Kodwa iBhayibheli lathi, umprofethi wathi, "Kuyobakhona usuku olungayikuba ubusuku noma ubumnyama... ubumnyama noma ukuKhanya, kodwa ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya."

134 Manje uKristu ofanayo owaveza amandla aKhe nenkazimulo eMpumalanga, futhi njengoba ilanga liya empumalanga, entshonalanga...Kube wusuku olumnyama, sibe nezinhlangano, senze izifundiswa ezinkulu, sinabantu ukuba bavume uJesu ukuthi unguKristu, basindisiwe ezonweni zabo, kanjalonjalo. Kodwa khumbulani, impucuko ihambe nelanga, impucuko iqala eMpumalanga, iye eNtshonalanga, futhi manje iMpumalanga neNtshonalanga sekuhlangene ndawonye. Kodwa umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya kusihlwa."

135 Manje, uJesu ofanayo owazazisa Yena uqobo kumaJuda namaSamariya, owayeMbheke ukuba afike ngalolosuku, abeZizwe babengaMbhekile ukuba afike, ngoba babengabahedeni, kodwa babebheke Yena ukuba afike, futhi yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo, khona-ke uma Ededela abeZizwe ngalolusuku bedlule nje nezinhlangano zabo zebandla, nezixuku zabo ezinkulu, namalunga abo, kanjalonjalo, nayo yonke isayense yabo yezenkolo, khona-ke Wenza okungalungile ngenkathi Ezibonakalisa kubo bobabili iJuda nomSamariya futhi akenzi okufanayo koweZizwe.

136 Ekuvaleni konyaka wabo, Wazibonakalisa kanje, Uzofanele enze okufanayo ekuvaleni konyaka wabeZizwe, noma Wenza iphutha ngenkathi Ezazisa Yena uqobo emuva lapho ngaleyondlela. Wathini na? "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona ngokuba Ngi," yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade."

137 Omunye futhi umBhalo engifuna ukunicaphunela wona, kwakunosuku lapho owesifazane, Wayemedlulile ekhuphukela e—endlini yendoda ukuyophulukisa indodakazi yayo encane eyayifile, futhi kwakukhona owesifazane omncane onomopho ehlezi phezulu egqumeni, wathi, "Ngikholwa ukuthi UnguMuntu oNgcwele, uma kuphela ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda." Futhi wehla, futhi wahamba wadabula esixukwini, waze wathinta ingubo yaKhe.

138 Manje ingubo yasePalastine yayinengubo yangaphansi, nengubo yangaphandle ilenga ixega, yingubo ende. Manje, angikaze ngizwe uma uthinta umphetho, kwakungumphetho, uthinta umphetho webhantshi lami, angikuzwa neze ngokomzimba. Naleyo enkulu, ingubo exegayo ilenga kuYe, nasemsileni wayo, umphetho wayo, Akazange akuzwe ngenkathi

lowo wesifazane omncane egaqa edabula lapho futhi wathinta ingubo yaKhe, akazange akuzwe ngokomzimba. Futhi Wama, Washo njalo, wase Eqalaza, Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

139 NoPetru waMkhuza. Manje, *ukusola* ukukhuluma ngokucasuka ngaYe. Ngamany'amazwi into efana nokuthi: "Ukhuluma ngani, Nkosi na? 'Ubani oKuthintile na? Awu, buka sonke lesisixuku esixhawula isandla sakho futhi sikumbambathe emhlane, 'Sawubona Mfundisi, Unjani na?' kanjalonjalo. 'Uzosenzelani na?' 'Ubani oKuthintile na?'" Ngani, waMkhuza.

140 Kodwa wathini uJesu na? "Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kimi." *Amandla* ngukuqina. "Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka." Futhi Waqalaza, nowesifazane omncane wayemi le phandle ezethamelini, futhi Wamthola, ngoba kwakungukukholwa kwakhe. Wayekade e. . . Wayethinte ngohlobo olwehlukile lokuthinta.

141 O, Dallas, Dallas, sebenzisa lokho kuthinta. UngaMthinti ngokuthi nje uthi, "Ngi—ngiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. NgiyiPentecostal," Mthinte ngalokho kuthinta Angakuzwa.

142 Futhi Waphenduka futhi Wabuka, lapho bonke bemi lapho, bonke wayekuphika, kodwa Waqalaza waze Wathola owesifazane omncane ehlezi phandle ezethamelini, futhi Wamtshela inkathazo yakhe wayesethi "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Akazange abone mbono, kodwa ukukholwa kwakhe kuYe eyiNdodana kaNkulunkulu kwakhipha umbono kuYe.

143 Niyabo, uma lowo bekunguJesu izolo, iBhayibheli lasho, hhayi iTestamente eLidala, eLisha, iNcwadi yamaHeberu, ukuthi Uyena khona manje, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Awu khona-ke, uma EngumPristi oMkhulu futhi Engathintwa ukuzwelana nobuthakathaka bethu, khona-ke uma Engenzanga ngendlela efanayo Enza ngayo izolo ngenkathi Enza, wazi kanjani ukuthi kwakungumPristi oMkhulu ofanayo na? Leyo yimfundiso ebukhali kodwa yiBhayibheli.

144 O, ungahle ugxume phansi naphezulu, uthi, "Haleluya! Haleluya! Ngiyazi ngiMthintile." Ungahle ukuba ukwenzile, lokho kuhle. Kodwa uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Uyokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi. Uzokwenza kanjani na? Ngawe, amagatsha aKhe, thina, Uyongena kithi futhi enze njengoba Enza nje izolo, into efanayo, izolo, namuhla, naphakade.

145 Manje, manje-ke uma Esehambile, bese kuthi-ke uma Azimemezela Yena uqobo kumJuda nakumSamariya, labo ababeMbhekile ukuba afike kulowonyaka, futhi yileyondlela Enza ngayo ngaleyonkathi, yileyondlela Azimemezela ngayo

Yena khona-ke, hlola imiBhalo futhi ubone ukuthi lokho akunjalo yini.

146 Bese kuthi-ke uma abeZizwe babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqeqeshwa njengoba amaJuda ayenakho, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili selokhu kwaba yimbubhiso yangaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi . . . Izinto zenzeka ngemijikelezo yeminyaka eyizinkulungwane ezimbili: Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqala, uNowa wakha umkhumbi, uzamcolo; iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesibili, uKristu uyafika; lokhu ngukuphela kwabeZizwe, eminye iminyaka eyizinkulungwane ezimbili.

147 Manje, ekupheleni kwalonyaka Uzofanele Azimemezele ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi, noma Wenza iphutha uma Akumemezela ngaleyondlela futhi wabadedela bazedlulele nje namakhulu abo, amabandla amahle, nezifundiswa ezinhle, nakho konke. Uma Engabuyi enguJesu ofanayo, futhi enze into efanayo, khona-ke Akasuye uJesu ofanayo; uma Ekwenza, UnguJesu ofanayo. Manje, ngabe Unguye noma akasuye na? Bangaki okholwayo ukuthi Usenguye na?

148 Niyaqonda ukuthi ngimi kuphi lapha na? Yisiphiwo sobuNkulunkulu. Bukani, kulele lapha kulezi zinhlaka, imibhede eyizinhlaka, izihlalo ezinamasondo. Ukuba-ke bengingathatha futhi ngime kulelipulpiti izinyanga eziyisithupha, futhi ngingasuki neze, futhi sonke sihlale siphapheme na? Bengingekwazi ukusho izinto engibone iNkosi uJesu izenza phakathi kwabagulayo nabahluphekile nabantu abafayo. UCongressman Upshaw, o, he, angikwazanga nje ukukuqala, ndawo zonke!

149 Ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, khona phezulu lapha eChicago, kwakukhona owesifazane ehlezi phandle ezethamelini ekhuleka, owesifazane oyikhaladi, noMoya oNgcwele waphenduka futhi wathi kuye, wathi, "Nenekazi, emuva lapho, unesifo sokuvuvuka kwesibindi." Wamtshela ukuthi igama lakhe lalingubani. Wathi, "Okukhulekelayo ngudadewenu eLittle Rock, e-Arkansas, usesikhungweni sezinhlanya, uhlanya oludlangayo, lungqubuza ngekhanda ezindongeni. Wathi, "Kade elapho kusukela eminyakeni eyishumi selokhu kwashintsha impilo, ukuya esikhathini." Futhi lowo wesifazane wacishe waquleka. Khona-ke kwasukuma, kwase kuthi, ISHO KANJE INKOSI, wavele waswanguluka nje.

150 Ngakusasa ekuseni umethroni wakhipha owesifazane esibhedlela njengesiguli esiphilile, ngobusuku besibili wema emsamo futhi wafakaza ngeNkosi uNkulunkulu engena ekamelweni.

151 Kwakukhona owesifazane omncane waseSwidi ehlezi phezulu lapho owathi kumfana wami, uBilly, wathi, "Billy,

nginike ikhadi lomkhuleko." NoMfowethu Osborn wayelapho ngalobobusuku nesithombe sakhe—sakhe, i*Black Gold*, ngikholwa ukuthi usibiza kanjalo. Nomunye wesifazane wathi kamuva wabona lowo wesifazane omncane bandla ehla futhi eya esikhwameni sakhe semali ukuba anikeze lowo—umnikelo wobuthunywa benkolo. Manje, lokho kwakungesikho okwenza isimangaliso, awudingi ukunikeza upeni owodwa kukho, noma lutho olunye, ufanele ube nokukholwa kuNkulunkulu. Akusikho ukuthi ubeka kangakanani epuletini lenkongozelo, ukuthi kungakanani onakho *lapha* enhliziyweni yakho ngakuYe, kuyilokho-ke.

152 Ngakho wehla wase ekhipha lemali. Futhi lokho yi . . . Futhi wathi, "Billy, unganginika ikhadi lomkhuleko na?"

153 Wathi, "Dadewethu, angazi, ngizobona ukuthi uLeo noGene banalo yini." Abafana bami, bakhipha amakhadi, nabo. Ngakho wathi, wabuyela emuva, akukho namunye wabo owayenalo. Futhi wathi, "Awu, dadewethu, kusasa ebusuku hlangana nami lapha, uthole ikhadi."

154 Wathi, "Kulungile, s'thandwa." Esinomoya omuhle kakhulu, isalukazi. Futhi wabuyela emuva wangena e—eLane Tech lapho abantu abayizinkulungwane eziningana babehlezi khona.

155 Futhi ngalobobusuku, ngenkathi ngisami lapho, uMoya oNgcwele waphenduka futhi wathi, "Owesifazane omncane ohlezi lapho egqoke encane, ingubo kakaliko, ukhulekela umyeni wakhe ongumhambisi wesitimela emzileni wesitimela, unendlebe engezwa, kodwa ISHO KANJE INKOSI, manje nje iyavuleka."

156 Wabuka iwashi lakhe. Futhi lapho efika ekhaya, kwakukhona umyeni wakhe edazuluka futhi ememeza. Wathi, "S'thandwa, indlebe yakho ivuleke ngasiphi isikhathi na?" Wathi, "Bengihlezi esihlalweni sami," impela nje umzuzu ofanayo iNkosi yathi kwenze. Bekungaleyondlela, bekuhlala njalo kungaleyondlela, futhi kuyohlala njalo kungaleyondlela. Kuyafana.

157 Lapha, Billy, unalo ibhuku lakho lezithombe nezinto na? Lapha, nginakho lapha manje. Ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, nangu uMfowethu . . . uDkt. Vayle, lapha ubehlezi emhlanganweni, nowesifazane omncane bandla, unekhadi lomkhuleko, inombolo yakhe ayibizwanga, wayehlezi emuva ngemuva, ekhala ngoba ikhadi lakhe lomkhuleko alibizwanga. Wayephethwe uhlobo oluthile lwesithuthwane, inkathazo yenhliziyo nesithuthwane, futhi wayenesithuthwane nenkathazo yenhliziyo. Isithombe sakhe sisekhasini lokuqala lephepha, bakuphosa kwithelevishini, ndawo zonke, kuzo zonke izifunda zaseNew England, kwaya kwi-Associated Press. Futhi nakho kwakulapho, owesifazane omncane ehlezi emuva lapho.

158 Ngangikhuleka, ngibhekisisa abantu, emva kwesikhashana ngibone lokho kuKhanya kuhamba kuhamba kuzungeza. Nisibonile isithombe saKho, anisibonanga na? UMfowethu Gordon Lindsay nabanye wayesezansi lapho ngenkathi sithathwa. Sathathwa...Nansi indoda evela eJalimane, nansi khona manje, yayilapho ngenkathi sithathwa kathathu yikhamera yaseJalimane. Ngale eSwitzerland, sithathwe ikhamera yaseSwiss. Kuyini na? LeyoNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli. Uyakukholwa na?

159 Bukani, ngenkathi Eselapha emhlabeni, bangaki owaziyo ukuthi Leyo kwakuyiNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli ehlane, ukuthi KwakunguKristu, iNgelosi yesivumelwano na? Kulungile. Futhi bangaki owaziyo ukuthi lowo kwakunguJesu ekuJesu, lowoMoya ofanayo na? Bukani, ngenkathi beMbuza, uJohane oNgcwele 6, kunakeni, bathi, "Uthi umkhulu kuno-Abrahama na?" Futhi basho ukuthi, "Ngani, uneminyaka engamashumi amahlanu kuphela ubudala, namanje."

Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA."

160 UNGINGUYE wayesesihlahleni esivuthayo. Ngabe kunjalo na? INsika yoMlilo. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe Wakusho na? Bese kuthi-ke, uma Avela eNsikeni yoMlilo, Wabuyela kuYo futhi.

161 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uPawulu oNgcwele wayesendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku futhi okukhulu, ukuKhanya okukhanyayo kwashaya ebusweni bakhe futhi kwamphuphuthekisa. Akukho namunye wabo owaKubonayo, uPawulu waKubona, Kwamphuphuthekisa, wawela emhlabathini.

162 Iyini leNsika yoMlilo, futhi na? "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

"Ungubani Wena, Nkosi na?"

"NginguJesu." Ngabe kunjalo na?

163 Ngenkathi uPetru esetilongweni, WayenguBani owangena lapho na? Lokho kuKhanya, kwahamba phambi kwakhe, kwavula umnyango. Impela kwakuyikho. Wabuyela emuva eNsikeni yoMlilo. Lokho kwakungalolosuku, lapha Usenguye namhlanje. Nasi isithombe saKhe, sithathwe ngisho nayiso lomshini wekhamera. Akusiyo isayense ephathelene nengqondo, kungamandla nokuvuka kukaKristu ophilayo, Ohlala efana kusukela eTestamenteni eLidala, iTestamente eLisha, nanamhlanje kuyafana nje.

164 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngingethembela kulokho na?"

165 Umvini uyothela isithelo esifanayo. Uma lowo kwakunguMoya oNgcwele, leyoNsika yoMlilo kuKristu eyaMenza ahlukanise umoya futhi enze lokho, uma Ekithi kulobubusuku njengoba sithi Unjalo, Uzokwenza okufanayo, noma Akasuye uKristu ofanayo.

166 NaNgo njengoba izigidi zebandla zikwazi, izigidi zabantu bebandla ziyakwazi, manje izwe lesayense liyakwazi. Esinye silenga eWashington, DC, eHholo lobuCiko bezeNkolo, okuwukuphela kwesidalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa emhlabeni wonke. UGeorge J. Lacy weFBI, iMilobo yeminwe neMibhalo, lapha eHouston, eTexas, wasihlola, kunjalo, futhi wabeka okungokwakhe . . . Niyakubona okubhalwe kukho, encwadini. Lelo yiqiniso. Yebo, mnumzane. Okuwukuphela . . .

167 Futhi eJalimane bathi babefuna ukubona ukuthi babengasithatha yini isithombe. Futhi bama lapho, futhi sasisekudleni kwasekuseni okukhulu lapho iDutch Reform, neLuthela, nazo zonke izinhlobo zabefundisi, futhi babengibuza, naleliJalimane lathi, "Ngingazithatha izithombe na?" eLausanne, enye yalawomakhamera amakhulukazi aseJalimane anerola kuyo.

168 Ngathi, "Angahle akuvumele, mnumzane. Angazi. Wakwenza eMelika kabili noma kathathu." Ngathi, "Angahle akwenze, angazi." Ngakho, ngase ngithi, "Uma Eqala . . . "

Wathi, "Ngingasithatha isithombe na?"

Ngathi, "Akusikho ukubaneka na?"

Wathi, "Qhabo, mnumzane, akusikho ukubaneka, kuyisithombe esithule nje, esingadingi ukuba nokubeneka."

Ngathi, "Kulungile, ngoba angifuni ukubona ukubaneka, ungazithathi izithombe kusaqhubeka, ngoba kungukuKhanya qobo lwaKho."

169 Futhi ngakho, ngaleyonkathi nje ngaKuzwa kuza, ngathi, "Kulungile, mnumzane, Nangu." Ngase ngisukuma, ngathi, "Wena omi lapho ugqoke lowokhololo wamaRoma njengompristi," ngathi, "awusuye umpristi, ungumholi wamakhomanisi ayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili."

Futhi wawela ngaphesheya emsa- . . . , e, itafula lakhe kanjalo, wathi, "Nkulunkulu wami, kunjalo, mnumzane!"

Ngathi, "Awusuye umJalimane, kanjalo awusuye umSwiss, kodwa ungumNtaliyane."

Wathi, "Kunjalo."

Ngathi, "Isizathu sokuba ungakaze udle ukudla kwakho kwasekuseni yingoba unezilonda esiswini."

170 Wathi, "Nkulunkulu, ngihawukele!" Futhi khona lapho uNkulunkulu wamphulukisa.

171 Leyo enkulu, ikhamera yaseJalimane ithathe isithombe ngokukhulu ukushesha eyayingakwenza. NaleloJalimane laphuthuma lehla ngqo, lase lizifaka kwi-asidi, lase lisiveza. *Nakhu* kwakunguMoya oNgcwele, iNsika yoMlilo, wehla, *nakhu* lapho Wagcoba khona, futhi *nakhu* lapho Owabuyela khona emuva. Izinkulungwane ezingamashumi amahlanu zemukela uKristu njengoMsindisi womuntu siqu. Impela. Uhlala efana.

172 Ngiqedela indatshana yami, owesifazane omncane ehlezi lapho, wayenekhadi lomkhuleko kodwa inombolo yakhe ayibizwanga, futhi wathi, "O Nkulunkulu!" Uqala ukukhala futhi ekhuleka kuye. Emva kwesikhashana uMoya oNgcwele waphenduka. . . wangijikisa, ngabona lokho kuKhanya kuhamba kuzungeza phezu kowesifazane, ngaqhubeka nokubhekisisa kwaze Kwabhobokela embonweni. Ngathi, "Unesithuthwane, nenekazi, Nkk. *S'bani-bani*."

"Yebo."

"Inkathazo yenhliziyo."

"Yebo," washo.

Ngathi, "Ngaphandle kwalokho, umyeni wakho usesibhedlela somakadebona, futhi bamnikela ukuba afe, futhi usesimweni esibucayi."

Futhi wacishe waquleka, wathi, "Yiqiniso lelo."

173 Ngathi, "Kodwa ISHO KANJE INKOSI, iNgelosi yeNkosi imi ngasembhedeni wakhe khona manje futhi imphulukisile, futhi uyaphila futhi uphile saka ngalomzuzu."

174 Namaphephandaba ayequkethe udaba lwakho. Ngalokhokusa impela okulandelayo wakhishwa esibhedlela somakadebona futhi wathunyelwa ekhaya njengesimangaliso senziwe. Kuyini na?

175 Wena uthi, "Lowo kwakunguMfowethu Branham."

176 UMfowethu Branham wayengenalutho olunye lokwenza lokho, kunoma wena wenza ezansi lapha eDallas, eTexas, lowo nguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, Uhlala enguye.

Asikhuleke.

177 Nkosi Nkulunkulu, inhlanhla enje pho ukukhuluma ezethamelini ezikanje! Nakuba ngizwa ukuthethisa ngezinye izikhathi eMoyeni, kuphela okokuqondisa, ukuthi abantu bangavilaphi, Nkosi. Mabazi ukuthi ngiyabathanda, futhi—futhi ngi. . . bayazi ukuthi Wena uyabathanda. Kodwa Nkosi, ukuze bavuswe baphume kulokhu ukuncipha kakhulu ibandla elingena kukho, umqondo wabo wokomoya usuqalile. . . Babone izinto eziningi kakhulu ukuba babe ndikindiki njengomfana

omncane engakhuluma ngaye. Nkulunkulu, makuthi ukuba ndikindiki kuhambe kulobubusuku.

178 Gcoba amehlo ethu ngomuthi wokugcoba amehlo, gcoba izinhliziyo zethu ukuba sikholwe. Gcoba inceku yakho, Nkosi, ukuze ngikwazi ukuzinikela kulowoMoya oNgcwele omkhulu owalandela abantwana bakwa-Israyeli, futhi khona-ke wabonakaliswa enyameni, futhi wemukelwa phezulu eNkazimulweni, futhi wathumela uMoya waKhe emuva, Owabiza uPawulu endleleni eya eDamaseku, futhi wenzela amaJuda lokho.

179 Futhi silapha ekupheleni kwabeZizwe, futhi, "Kuyakuba ngukuKhanya kusihlwa," hhayi okunye ukukhanya, ukuKhanya okufanayo. UJesu ofanayo owakhombisa ukuKhanya emthunzini ofanayo weNdodana, ithunzi elifanayo leNdodana efanayo eyabonakala eMpumalanga likhanya eNtshonalanga. Nkulunkulu, kwangathi kungedlule phezu kwekhanda labantu futhi ngasenhliziyweni yabo, kodwa kwangathi kungangena ezinhliziyweni zabo kulobubusuku.

180 Futhi sisize manje, Nkosi, njengoba onke amazwi ebengingawasho abengeke neze asho kakhulu njengeZwi elilodwa Oyolisho, khuluma nje, Nkosi, njengoba thina, iBandla laKho, sizinikela. Akunandaba ukuthi Ubuyosebenzana kangakanani nami, Baba, uma abantu bengayikukholwa, Ungasebenza kanjani na? Ngokuba Waya ezweni laKho uQobo nemisebenzi eminingi yamandla Awukwazanga ukuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo.

181 Futhi Nkosi Nkulunkulu, sazi okuningi kakhulu *inkolelo-ze* nobuhlanya obedlule emabandleni, amaningi kakhulu amakholwa, abangakholwayo, nabanzezisi, wedlule ebandleni, Nkosi, izinto eziningi kakhulu. Nkulunkulu, abantu abampofu, bakhubazekile, abazi ukuthi bakholwe yini, kodwa Nkulunkulu, vula amehlo abo kulobubusuku, emBhalweni naseBukhoneni bukaJesu, ukuthi leliqembu elikhulu labantu lapha eDallas, namazwe akhelene, lingahle libuthane ngaseNdodaneni yaKho ethandekayo, uJesu. Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

182 Ngikhulume isikhathi eside nje kini. Nginokwethuka, impela, nginenza nibe nokwethuka, futhi. Yimani kulokhu nje cishe imizuzu emihlanu futhi nibheke ukuthi kwenzekani. Into eyodwa, umbono owodwa uzothatha okuningi kuwe kunamahora ayishumi okushumayela njalonjalo. Niyazi umBhalo ufundisa lokho. Amadoda kamoya njalo athathwa ngokuthi aguliswa yimizwa, benikwazi lokho na?

183 Kuthiwani ngombhali wamaculo waseMelika uStephen Foster na? Wabhala amaculo omdabu awedlula onke esake saba nawo, i-*Old Black Joe* no*Swanee River*. Wayeyokwenzenjani lapho ukuphefumulelwa kumshaya na? Wayengena kulokho

kuphefumulelwa, lapho ephuma kukho, waye—wayeyodakwa. Futhi ekugcineni wabiza inceku, wathatha ireza, wazibulala.

184 Bukani uWilliam Cowper, ngama ngasethuneni lakhe noMfowethu Lindsay, eLandani, eNgilandi, esikhathini esingeside esedlule, ngakhala izinyembezi ethuneni lakhe, wabhala leloculo elidumile:

> Kukhona uMthombo oGcwaliswe NgeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli,
> Lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
> Lisusa onke amabala azo esono.

185 Wayecabangani eNgilandi na? Oguliswa yimizwa. Wathi nje angaphuma kulokho kuphefumulelwa, wazama ukuzibulala emfuleni. Kunjalo.

186 Bukani uJona umprofethi, emva kokuba esesiswini somkhomo izinsuku ezintathu, futhi ngenkathi uMoya umshiyile, futhi wayehlezi phezulu entabeni, wakhulekela uNkulunkulu ukuba athathe impilo yakhe.

187 Kuthiwani ngo-Eliya, ngenkathi uMoya wawuphezu kwakhe nemibono, wathi, "Ngenze konke lokhu ngokuyala kwaKho," futhi wabiza uMlilo uphuma eZulwini, nemvula ivela ezulwini, wase-ke egijimela ehlane, kwakuyizinsuku ezingamashumi amane, wayengazi ngisho nokuthi wayekuphi, ezulazula ehlane, noNkulunkulu wamthola ehlehlele emgedeni.

188 Niyabo, uNkulunkulu njalo uyafika. Uyaligcina iZwi laKhe, kodwa izikhathi eziningi, kwehluke kancane kulokho othisha abasifundisa khona. Niyabo? Kwakungaleyondlela ngenkathi Efika okokuqala; kuhlala kunjalo.

189 Manje, ngokwazi kwami, wonke umuntu kulendlu uyisihambi ngokuphelele kimi, ngaphandle kukaMnu. Vayle lapha, nalamadoda ahlezi lapha. Bangaki owaziyo phandle lapho ezethamelini, angikwazi, angazi lutho ngawe na? Phakamisani izandla zenu, angazi neyodwa into ngani. Impela, angikwazi.

190 UBilly ungitshelile ngenkathi ngenyuka emizuzwini embalwa edlule, ukhiphe amakhadi omkhuleko ayikhulu esikhashaneni esedlule. Ngikholwa ukuthi uthe bekuyikhadi lomkhuleko u-P. Elincane...linokuthi "Imikhankaso kaBranham" ngakolunye uhlangothi, uhlangothi olulandelayo lunohlamvu u-P, futhi linelokuqala kuya ekhulwini. Sizobamisa umugqa labobantu futhi sibakhulekele.

191 Manje, asikwazi ukuba nokuphuthuma, bagcwele sonke isakhiwo, sifuna ukukunikeza ngokusemthethweni. Manje, lapho ngibiza inombolo yakho, woza. Nje, uma ungakwazi, phakamisa isandla sakho, uma ungakwazi ukuhamba, omunye uzoza akuthwale. Kodwa njengoba ngibiza inombolo yakho,

phakamisa isandla sakho. Noma bheka, futhi uma omunye engaphenduli, khona-ke buka ikhadi likamakhelwane wakho, angahle abe yisithulu nesimungulu, angakwazi ukukhuluma noma azwe, noma angakwazi ukunyakaza, buka futhi ubone ukuthi banalo yini.

192 Manje, ubani onekhadi lomkhuleko...? Liphendule, lino-P kulo, njengo*pelepele*. U-P, wokuqala, ubani onalo na? Phakamisa isandla sakho, esakhiweni. U-P, wokuqala. Owesifazane emuva le ngemuva, yehlela lapha, nenekazi. Elesibili, u-P, elesibili. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Lona wesifazane lapha. Awu, behlise nje ngqo banqamule emsamo khona lapha. Kulungile. Elesibili, kulungile. Mfowethu Vayle, yehlela lapho. Elesibili, elesithathu. Ubani ono-P, elesithathu na? Phakamisa isandla sakho. Uno-P, elesithathu na? Yehlela lapha ngqo, dadewethu.

193 Elesine, u-P, njengaku*Paul*. U-P, elesine. Ubani onalo na? Phakamisa isandla sakho. Ungasiphakamisa isandla sakho, noma ubuke ikhadi likamakhelwane wakho na? Qalaza manje. Omunye unalo ehlezi lapha, futhi mhlawumbe akakwazi ukusukuma. Nangu umntwana omncane obengekwazi ukunyakaza, ngiyazi abakwazi. U-P, elesine, phakamisa isandla sakho, ngiyacela. Uma besesakhiweni futhi befisa ukukhulekelwa, ngaphakathi noma ngaphandle, phakamisa isandla sakho, ngiyacela. Ubani onekhadi lomkhuleko, u-P, elesine na?

194 Manje buka ikhadi likamakhelwane wakho, wonke umuntu, qalaza kubantu one...abahlezi eduze kwakho, ngoba kungahle kube ngumuntu ohlezi lapho isithulu, isimungulu, ongakwazi ukukhuluma, ukuzwa. Niyabo? Senilitholile na? U-P, elesine. Kulungile, mhlawumbe baphumile, bayabuya emzuzwini. Sizolinda umzuzu.

195 Elesihlanu. Ubani ono-P, elesihlanu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Elesihlanu, kulungile. Elesithupha, ngapha. Elesithupha, ngapha. Elesikhombisa, elesikhombisa. Kude le ngemuva, kulungile, woza. Elesishiyagalombili. Niyabo, awu...Akusiyo inkundla yezemidlalo manje, sisendlini yokukhonzela, sibone nje ukuthi ufanele u...nonke wozani ngokukhulu ukushesha eningakwenza. Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Phakamisa isandla sakho ngokushesha. Elesishiyagalolunye. Lutho okwamanje.

196 Bukani amakhadi enu manje, kungahle kube ngumuntu oyisithulu futhi ongakwazi—ongakwazi ukuzwa, isimungulu, ongakwazi ukukhuluma, okhubazekile, ongakwazi ukuhamba, sizothola umuntu lapho ukuba akuthwale akukhuphulele lapha. Elesishiyagalolunye. Manje, lokho...Yiliphi elinye ebelishoda na? Isishiyagalombili nesishiyagalolunye omabili awekho na? Ini—ini...? Kukhona elolodwa elinye ndawondawo

emuva, elesine, ngikholwa ukuthi bekuyilo, elesine. Elesine, ngabe lilapha okwamanje na? Elesine, isishiyagalombili, nesishiyagalolunye.

197 Bangane, anifanele ukuthatha amakhadi uma ningezukuwasebenzisa. Niyabo, anike omunye ozoba lapha. Kulungile. Ini? Isishiyagalombili lilapha. Isishiyagalolunye, elesishiyagalolunye. Owesihlanu uhambile, owesine usebonakele, kodwa owesihlanu uhambile. Elesihlanu. Ubani onekhadi lomkhuleko u-P, elesihlanu na? Bukani, mhlawumbe omunye akakwazi ngisho nokukhuluma isiNgisi. Kulungile. Ngabe yilelo nenekazi lapho elisukumayo, ngabe linelesihlanu na? [Umfowethu uthi, "Isishiyagalolunye."—Umhl.] Isishiyagalolunye, kulungile, libiziwe, liletheni ngapha. Ngapha, nenekazi.

198 Kulungile, eleshumi. Eleshumi, ungasukuma na? Ishumi, kulungile, ishumi nanye, ishumi nambili. Kulungile. Ishumi nambili, ishumi nantathu, kulungile, ishumi nane, ishumi nane. Ubani oneshumi nane na? Kulungile, ishumi nanhlanu, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili. Ishumi nesishiyagalombili, kulungile, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-. . . Kulungile. Amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa, amashumi amabili-nesishiyagalombili, amashumi amabili-nesishiyagalolunye, amashumi amathathu, amashumi amathathu-nanye, -nambili, -nantathu, -nane, -nanhlanu.

199 Bangaki esibatholayo phandle lapho manje na? Asifuni abaningi kakhulu abami emgqeni. Bonani ukuthi bangaki abangekho lapho manje.

200 Manje, manje umzuzwana nje ngisabalindile. Woza—woza ungitshele ukuthi bangaki abangekho lapho, omunye wenu. Manje, umzuzu nje, manje, nonke lapha: Bangaki olapha ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi nifuna uJesu aniphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, ndawo zonke. Manje, Uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade.

201 Uma uzokholwa phandle lapho, awudingi ukuba ube lapha. Abantu phandle lapha, akwenzi mehluko ngokuthi ngabe uphandle lapha noma qha, phakathi lapha, lokho akunandaba, kodwa uma nje uzokholwa lapho okhona, futhi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, Angeke yini Aziphathe ngokufanayo Akwenzayo, ngokufanayo nje na? Uzofanele enze ngokufanayo nje.

Kulungile. Manje yiba nokukholwa, ungangabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Kulungile.

202 Billy, bangaki ongekho na? Phezulu. . .Elesihlanu alikaze libonakale. Ngabe noma ubani onekhadi lomkhuleko lesihlanu, yilelo kuphela elingabonakalanga. Ikhadi lomkhuleko lesine nelesihlanu, noma uthe elesihlanu na? Elesihlanu, ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Ngabe leyontombazanyana inalo ikhadi na? Noma yimuphi wabo na? Akulona elesihlanu na? Ngiyakuzonda ukushiya noma ubani ngaphandle. Kulungile. Kulungile, khona-ke.

203 Manje, angifuni nizulazule, ngifuna nihloniphe ngokuzithoba ngempela, nithole izihlalo zenu, futhi nihlale phansi, futhi nithule ngempela manje, nithule ngempela.

204 Manje, niyaqonda, izinto engizishilo kulobubusuku. . .? Bangaki okholwayo ukuthi ngiwucaphune ngokoqobo umBhalo, izithembiso, nokuthi uJesu wayeyini nokuthi Wethembisa ukuba yini na? Manje yisikhathi sakho ukuba kukhonjiswe iqiniso noma iphutha.

205 Yiliphi ikhadi lomkhuleko onalo, nenekazi na? Kulungile. Bonani ukuthi kuyini ezansi lapho. Hlola ikhadi lakhe lomkhuleko bese ubona ukuthi unani ezansi lapho. Nibone ukuthi ngabe bekunguye yini. . .uma ku. . .Angifuni ukufaka noma ubani kulokho. . .Ini? Awu, u—u—ubenekhadi, kodwa bekungesiyo inombolo obekufanele kube yiyo, bekunge. . . Mdedele nje ahlale phansi lapho, sizobiza bonke abanye emizuzwini embalwa nje, empeleni, ngakho nje—nje hlala uthule ngempela. Kulungile. Kulungile.

206 Manje, kulowo nalowo wenu, manje bukani, iNkosi yethu yabona. . .Omunye owesifazane wathinta ingubo yaYo namandla aphuma kuYo. Siyakwazi lokho, kunjalo na? Kodwa kulokho, owesifazane watholani na? Watshelwa ukuthi wayenomopho nokuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Manje, lokho kwakungesikho—lowo kwakungesuye uJesu owabona umbono, lokho kwakungukukholwa kowesifazane okwathinta uNkulunkulu kuKristu, noNkulunkulu wakuhlonipha ukukholwa kwakhe.

207 Kodwa ngenkathi uNkulunkulu enento ethize ukuba ayenze, U. . .njengokuvuka kukaLazaru, lokho. . .ULazaru wavuswa ngumbono. Uyakukholwa lokho na? Ngani, uJesu wathi, "Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise." Ngabe kunjalo na? Bhekisisani umBhalo lapha, ukuthi Wathini, emi ethuneni likaLazaru Wathi, "Baba, ngiyaKubonga ukuthi Usuvele ungizwile, kodwa ngalaba abami eduze, Ngiyakusho." Niyabo?

208 Bukani, Wathi, "Umngane wethu uLazaru ulele." Wathi, "Ufile. Ngenxa yenu Ngi—Ngiyajabula ukuthi beNgingekho lapho."

209 Kulungile. Manje, manje khulekani nje, ningayaluzi, hlalani nithule ngempela futhi nikhuleke. Futhi uma uJesu ezokwenza. . .

210 Manje, ezithombeni zakho, mfowethu othandekayo, uma uzosithatha, sithathe manje, ungasithathi lapho ugcobo lufika, ngoba ngukuKhanya, niyabo, futhi ngifanele ngilandele lokho kuKhanya ngenxa yokukholwa. Uma ufuna ukuSithatha, sithathe manje uma kungukubaneka, niyabo, ngoba ku— kuhamba kungene ngqo . . .

211 Niyabo, iNgelosi yeNkosi inguMlilo oqothulayo. Bangaki okwaziyo lokho na? NgukuKhanya, YiNsika yoMlilo eyayisehlane. Nakhu. Ngivame ukuba nesisodwa sibekwe lapha. Bangaki oke wabona isithombe saYo na? Ngabe bebenaSo phezulu lapha emsamo na? Kulungile. Manje, lokho yi . . . Uma lokho ku . . . uma sinjalo, kulobubusuku . . . Yikho lokhu. Uma si . . . Uma Leyo kuyiNsika yoMlilo, noma ubani uyazi ngobufakazi besayense, Akusimina owenza lokho, YileyoNgelosi yeNkosi. Awu, uma KunguKristu, leyoNgelosi efanayo eyayikuKristu eyayisesihlahleni esivuthayo, ethenjiswe ukuba koweZizwe ngokufanayo nje njengoba Yayinjalo ngaleyonkathi, khona-ke Iyokwenza into efanayo Eyayenza ngaleyonkathi, ngoba umvini ngamunye uyohlambulula ngamagatsha awo khona impela ukuphila okusemvinini. Ngabe kunjalo na?

212 Manje, uma Ezokwenza, angisho ukuthi Uzokwenza, kodwa uma Ezokwenza into efanayo Ayenza ngenkathi Elapha, bangaki kini abazokukholwa na? Kulungile. Manje bukani, akunandaba . . . Manje, angivumeli . . .

213 Uma kukhona odokotela abahlezi eduze, angizisho ukuthi ngingumphulukisi noma ngithathe indawo yakho, Dokotela, ngiza lapha ukuba ngikhulekele into eyodwa: abantwana bakaNkulunkulu, isiguli sakho, mngani wami. Angizami ukuthatha indawo yakho, Dokotela, lutho nhlobo. Ngikholwa ukuthi uyinceku kaNkulunkulu uma uyinceku kaNkulunkulu yeqiniso. Ngiyakholwa uma uthanda iNkosi, futhi uzama ukwenzela abantu okuthize, ngiyakuhlonipha ngempela, mnumzane. Nginodokotela abakhulu. Ngike ngahlolwa ngu, noma ngaba nengxoxiswano, njalo, ngabakwaMayo nabaningi babo. Futhi edolobheni lakithi uqobo, odokotela abakahle bemitholampilo emikhulu njengoDokotela Sam Adair.

214 Noma yimuphi wenu mfonele ofunayo, ngezindleko zami, uDokotela Sam Adair womtholampilo omkhulu waseJeffersonville, futhi umbuze ukuthi lokhu kuyiqiniso noma qha, ubuze ukuthi kumenzeleni, mbuze ukuthi leyomibono iyenzeka yini; noma yiziphi zezikhulu zedolobha, nomaphi. Niyabo? Kuyikho ngempela, mngani, ngakho si . . . Uma Efika, U . . . siseBukhoneni baKhe.

215 Manje, lokhu yi . . . Ngibuthakathaka okokuqala nje, futhi ku . . . lokhu kungenza buthakathaka kakhulu. Manje, asihloniphe ngokuzithoba ngempela nje, sihloniphe ngokuzithoba ngakho konke. Futhi manje, qala ukukholwa,

uthi, "Nkosi, uma uMfowethu Branham, ecaphuna umBhalo, ngiyazi akangazi noma lutho ngami, kodwa uma lokho kuyiqiniso, Vumela nje uMfowethu Branham asebenzise uMoya waKho ukuphendula. . . UngumPristi oMkhulu, futhi ngifuna ukuKuthinta, futhi ngizoKuthinta, Nkosi, futhi uma uMfowethu Branham engitshele iqiniso, khona-ke maliqiniswe kimi. Futhi uma ngiphenduka. . . Ake uMfowethu Branham aphenduke futhi angitshele, njengoba Wenza ngoJesu, owesifazane owayenomopho, akusoze kwabakhona okunye ukungabaza engqondweni yami."

216 Ngabe lokho kulungile ngokwenele na? Lowo nguwe ongenawo amakhadi omkhuleko phandle lapho, wena ongeke ube semgqeni womkhuleko. Ikhadi lomkhuleko alilutho, kalula nje ukuqalisa ugcobo phakathi kwabantu, ngoba amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili enu lapha akakaze aye komunye wemihlangano ngaphambili. Niyabo? Ngiyawuzwa umoya wakho, ngiyazi uyamangala. Niyabo?

217 Ngakho, kodwa manje eGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, ngithatha wonke umphefumulo nomoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami ngenxa yenkazimulo yaKhe. Manje hloniphani ngokuzithoba.

218 Ngabe lona owesifazane na? Nangu owesifazane omi lapha eduze kwami kulobubusuku, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami yonke, ngokwazi kwami. Siyizihambi komunye nomunye sinjalo, medemu na? Sinjalo na? Uma sinjalo, phakamisa isandla sakho nje, ukuze. . .

219 Manje, *nanti* iBhayibheli. Uma ufuna ukwazi ukuthi ngabe ubuKristu. . . Uma Ezokwenza. . . Nabu ubuKristu futhi, lona nguJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane bahlangene abangakaze bahlangane ngaphambili empilweni: uJesu nowesifazane emthonjeni. NoJesu wakhuluma naye waze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe futhi wamtshela, futhi wakuqonda ukuthi kwakunguMesiya. Ngabe kunjalo na?

220 Manje, *nazi* izandla zami. . . Angifungi, ngoba angikukholwa, naye akakukholwa. Manje, owesifazane angaba ngumkhohlisi, angahle abe ngowesifazane omubi, angahle abe ngowesifazane olungileyo, angahle abe ngumKristu, angahle abe ngumphikinkolo, angazi, angahle abe nomdlavuza, angahle—angahle angabi nalutho. Angazi ukuthi yini owesifazane, angikaze ngimbone noma ngizwe ngaye, angazi lutho ngaye, kodwa kukhona uMuntu lapha Owaziyo, nalowo nguYe *lapha*. Manje, uma Efuna, ngesiphiwo sobuNkulunkulu ukuba nje ngizithobe, futhi ngiziphumuze ekushumayeleni, uMoya waKhe uze wehle futhi usho into ethize. . .

221 Manje, uma ngithe kulona wesifazane, "Nenekazi, haleluya, uyagula, udumo kuNkulunkulu, uzophulukiswa! Haleluya!" ubengakukholwa lokho, lokho bekungalunga, lokho kulungile,

lokho bekungalunga, kodwa ubeyoba nelungelo lokukungabaza lokho. Kodwa uma-ke uMoya oNgcwele ubuyela emuva phansi empilweni yakhe iminyaka, ukhipha into ethize aziyo ukuthi angazi lutho ngayo na? Manje-ke kuthiwani ngalokho na? Futhi uma Azi ukuthi bekuyini, impela Uzokwazi ukuthi kuzoba yini. Uma Engasho ukuthi bekuyini, khona-ke owesifazane makabe ngumahluleli, nawe ube ngumahluleli.

222 Manje zithobeni nje manje, khohlwani izinkolelo-ze zenu ezincane, nokucabanga kwenu okuncane, futhi nje ngempela beka inhliziyo yakho iphumele ngqo phambi kukaNkulunkulu, futhi uthi, "Nkulunkulu . . . "

223 Ungangibuki. Niyabo, ngingumuntu nje, isoni esisindiswe ngomusa, nje nesiphiwo sobuNkulunkulu uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, inginike njengompofu, umshumayeli oyiBaptisti ukuba athunyelwe kini maPentecostal nanoma ubani oyoza. Manje, yilokho kuphela.

224 Manje, nenekazi, izwi nje nawe njengoba iNkosi yethu yenza.

225 Futhi—futhi noma ngabe ubani osembhobheni noma unjiniyela lapha, angazi . . . lapho kufika umbono, ngikomunye umhlaba, ngakho angazi ukuthi ngikhuluma kakhulu kangakanani, ngakho ku—kubhekisiseni.

226 Manje, ukukhuluma nawe nje umzuzwana. Manje, nanku umdlalo wasesiteji futhi. Uma uJesu ehlala enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi Uzongazisa okuthile ngawe owaziyo . . . awu, angazi lutho ngawe, kodwa uma Ezokwenza kwaziwe, ubuyokholwa ukuthi Uyokunika into oyicelayo na? Ubunga—ubungasiphakamisa nje isandla sakho kulokho, uyakukholwa na?

227 Manje, ngabe izethameli zizokwenza okufanayo, njengoba sobabili siphakamise izandla zethu ukuthi asazani na?

228 Manje, Nkosi Nkulunkulu, wonke umhlangano uza kuWe, konke lokho okufeziwe kungokwaKho. Futhi manje, uMoya oNgcwele waKho mawuhambe kamnandi phezu kwethu, gcoba amagatsha, Nkosi, kube ukuPhila eMvinini, futhi usinike, kulobubusuku, ubufakazi obubonakalayo bokuvuka, ngokuba siyazi ukuthi iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ayishongo lutho kuWe, Uphila kuze kube phakade.

229 Futhi nikeza lamaKristu ampofu azabalazile, futhi azama, futhi—futhi achitha imali yawo akha amabandla, futhi enze konke, futhi azama ukuphila kahle, anike injabulo enkulu kulobubusuku ukwazi ukuthi uJesu wabo uyaphila, Akasikho nje u—ukumemeza, Akasiyo i—i—injabulo, nokho Uyiyo, kodwa UnguMuntu ophilayo, uKristu, iNdodana kaNkulunkulu. Siphe khona, Baba. Lonke udumo luyakuba ngolwaKho. EGameni likaJesu.

230 Manje, uma iNkosi uNkulunkulu ibiyongitshela, wena yiba ngumahluleli, njengoba sobabili siphakamise izandla zethu, asikaze sihlangane, noma asazi lutho omunye nomunye empilweni. Uma iNkosi uNkulunkulu iyokwembula kimi ukuthi yini oyizele lapha, noma into ethize ngaleyondlela, uyazi noma kuzoba ngokuyikho noma qha, izethameli zisho okufanayo. Manje niyabona lapho engimi khona.

231 Manje, uma uJesu ezokwenza lokho, Uyasigcina isithembiso saKhe, khona-ke lesi yisibonakaliso esiqinisekile ukuthi unyaka wabeZizwe uyaphela, neBandla liyabizwa, ngumlayezo wokugcina, lowo wawungowokugcina kumaJuda, ungowokugcina koweZizwe. Futhi ngomusa waKhe, nangesiphiwo sobuNkulunkulu, khona-ke uBukhona baKhe lapha, wonke umuntu ubeyokukholwa. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona.

232 Uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, owesifazane uyasuka kimi. Uyezwa khona manje ukuthi kukhona okwenzekayo. Owesifazane ungumKristu, uyikholwa. Futhi ufuna ngikhulekele amehlo akhe, amehlo akhe aba mabi, yiqiniso lelo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Awuzifaki izibuko noma lutho, kodwa amehlo akho ayafiphala, kungumuthambo esweni lakho, uyafa. Kunjalo.

233 Manje, uyakholwa na? Manje, ni—ni—nicabanga ukuthi ngikuqagelile lokho. Angizange. UNkulunkulu makabe ngumahluleli.

234 Bheka kimi futhi. UNkulunkulu uyazi ukuthi angizami ukububukisa, ngifuna nje lababantu bazi, dadewethu. Ubonakala ungumuntu olungileyo, unokuxhumana okuhle noNkulunkulu. Manje, angazi ukuthi yini engikutshele yona, kuseteyipini, yilokho kuphela engike ngikwazi, ngeke ngikukhumbule lapho umhlangano usuphelile. Kodwa manje, kwangathi uNkulunkulu angangisiza ukuze abantu bezokhipha konke lokho emicabangweni yabo.

235 Yebo, ngibona owesifazane esuka kimi, kuyinto ethize ngamehlo akhe, uba yimpumputhe. Futhi enye into, unenkathazo yamaphaphu, kukhona okungalungile ngamaphaphu akhe. Futhi ngiyakubona umi emgqeni womkhuleko, usanda kukhulekelwa lokho nje, khona kulomhlangano ofanayo. Ungeke nje wakwemukela, ubonakala sengathi, awukwazi ukukuthola. Kunjalo, yiqiniso lelo.

236 Futhi ake ngikutshele. . . Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Buka, ukhathazekile ngokuthile, futhi leyo yindodakazi yakho elungiselela ukuba nengane, futhi inalelogazi iRh, futhi wesaba ukushayisana kwegazi enganeni.

237 Ngaphandle kwalokho, unendodana engumzukulu, futhi ilungele ukuhlinzwa inenkathazo yesende lesilisa, ISHO KANJE INKOSI. Yiqiniso lelo. Uyakholwa ukuthi uyemukela manje

na? Uyakholwa ukuthi iPhimbo, noma ngabe yini Ebikhuluma kuwe, bekungesilo elami kodwa bekungelaKhe na? Khona-ke wemukela okucelayo. Hamba uthokoza, ujabule. Kuzolunga, kholwa nje.

"Uma ukholwa!" Manje yibani nokukholwa nje.

238 Sawubona, nenekazi? Ngicabanga ukuthi wena nami siyizihambi uqobo komunye nomunye. Asazani na? Lesi yisikhathi sethu sokuqala. Ungowesifazane nje, ukuthi unekhadi lomkhuleko futhi wenyukela lapha emgqeni, ayikho indlela kimi ukuba ngikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma Ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, futhi uyazi angazi, kodwa uma Ezokwembula, uzokwazi ukuthi kungamandla angaphezu kwemvelo. Ungasho nabaFarisi, "NguBelzabule," noma uzosho namakholwa, "NguJesu Kristu ofanayo . . ."? UJesu Kristu.

239 Manje, kukhona okwenzekile ezethamelini. Manje, qhubekani nje nikholwa. Bekukhona owesifazane obekhuleka, ngowesifazane omdala kakhulu kunalona, futhi ubonakale lapha phambi kwami, ekhuleka. Omunye ukhulekela inkathazo phakathi lapha othinte umPristi oMkhulu.

240 Asikhulume futhi. Ngingahamba kuphela njengoba uMoya ungihola. O, awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomunye umuntu, leyo yindoda, ngumyeni wakho, futhi uhlushwa yi, nikubiza ngengcindezelo yamademoni, yisimo sokwethuka esiphule imizwa yakhe phansi, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso, akunjalo na? Uma kunjalo, vayizelisa izandla zakho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Thatha leloduku osule izinyembezi zakho ngalo bese ulibeka phezu kwakhe, futhi uzosinda, ISHO KANJE INKOSI.

241 "Uma ukholwa!" Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi manje, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Hloniphani ngokuzithoba ngempela, hloniphani ngokuzithoba ngempela manje.

242 Nakhu, nangu, ngowesifazane ohlezi khona lapha ekugcineni kwesihlalo egqoke ingubo eluhlaza-tshani. Nenekazi, ubukhuleka nje ngaleyonkathi (Bekunjalo na?), ukuba ngikubize. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uphethwe yinkathazo yesibindi. Kunjalo. U*kwenzile*, awusenakho, ukukholwa kwakho kukusindisile. UNkulunkulu akubusise.

243 Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Uthinteni na? Uqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi. Uthinteni na? UmPristi oMkhulu.

244 Kukhona omunye wesifazane ophakamise isandla sakhe, emva kwakhe ngqo, ngqo emva kwakhe lapho, isikhafu esincane esimhlophe, uphethwe yisimo sesifuba somoya nenkathazo

yenhliziyo. Ngabe kunjalo, nenekazi, wena ophakamise isandla sakho na? Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho. Kulungile, uphulukisiwe, ukukholwa kwakho kuyakusindisa. Hamba futhi ukholwe. Ningahlala phansi manje. Hamba uye ekhaya wethemba uNkulunkulu.

245 O, uBukhona baKhe bobuNkulunkulu! Niyaqonda, bangane, niyaqonda na? Kuyini na? Kuzofanele kube nguMoya. *Nasi* isithombe saKhe, *nali* iZwi laKhe, Wenza okufanayo, nguwe okwenzayo. Lapha, ngizonikhombisa: Lowo wesifazane uphulukisiwe nje ehlezi lapho, umngani wakhe omncane ohlezi eduze kwakhe ubekhuleka, naye. Kunjalo, owesifazane omncane egqoke ingubo ebukeka iluhlaza sasibhakabhaka, esula amehlo akhe. Wena uthe, "Nkosi, makube yimi olandelayo." Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Bengiyokwazi kanjani ukuthi ubukhuleka mayelana nani namazwi owashilo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Uphethwe yinkathazo ekhanda lakho. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Sekuphelile konke manje, ukukholwa kwakho kukuphulukisile. Hamba uye ekhaya futhi uphile.

246 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi, kholwa, ngokuba konke kuyenzeka kwabakholwayo.

247 Lelinenekazi, ngiyaxolisa. Siyizihambi omunye komunye, angikwazi, angikaze ngikubone, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Kulungile. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi inkathazo yakho, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

248 Manje uqala ukukholwa. Kuqala nje ukuhamba yonke indlu manje. Niyabo? Yileyondlela yokukwenza. Ungangabazi manje. Nina enihlezi lapha kulezozihlalo, aninathemba, kukhipheni lokho emqondweni wenu khona manje, lesi yisikhathi senu, kholwani.

249 Manje owesifazane, buka kimi, umzuzu nje. Isizathu sokuba ngisho lokho, njengoPetru noJohane bathi, "Sibheke." Uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo. Unomnandi ngempela, umuzwa othobekile, khona phakathi kwami nawe kumi lokhu kuKhanya khona lapha, manje, yilokho okukwenza uzizwe ngaleyondlela. Manje ukuba qotho kimi nakuNkulunkulu, unomuzwa manje ongakaze ube nawo, njengokumnandi ngempela ukuzwa-. . . Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze i. . . Niyabo?

250 Awuzimele lapha ngesingawe, umele omunye lapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzobaphilisa na? Ngenhliziyo yakho yonke uyakukholwa na? Umama wakho uzophulukiswa. Uyakukholwa na? Unesifo sikashukela, futhi unenkathazo yenhliziyo. Futhi ukuze wazi ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe, akekho lapha, uhlala eWichita, eKansas. U. . .Thumela leloduku kuye, uzophila.

251 Kholwa nguNkulunkulu, ungangabazi. Woza ukholwa. "Uma ukholwa!"

252 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphulukisa leyonkathazo yabesifazane futhi akusindise, inkathazo yamanenekazi na? Uyakholwa. Ucabanga ukuthi umyeni wakho ubeyojabula ngalokho na? Futhi uyazi ngakho, umfundisi ohloniphekile. Uyakholwa ukuthi Ubeyo...? Uyangikholwa ngakho konke...? UNkulunkulu...Buyela ekhaya lakho, khona-ke. UJesu Kristu uyakusindisa. Yiba nokukholwa.

Woza, nenekazi.

253 Ungacabangi manje ukuthi bengifunda umqondo wowesifazane, bengingawufundi.

254 Lapha beka isandla sakho kwesami, nenekazi, beka isandla sakho. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, ngibuka *ngapha*, yini inkathazo yakho, uzongikholwa na? Uma uthanda, susa isandla sakho kwesami, usiphakamise. Kulungile. Uyakholwa ukuthi lawomathumba azophuma ngaphandle kokuhlinzwa, aphume kowesifazane...? Hamba uye ekhaya futhi uthokoze, aphumile. Amen. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

255 Uyakholwa na? Bonani ukuthi uMoya oNgcwele ulapha yini.

256 Nenekazi, leyonkathazo yeqolo obunayo, ikushiyile ngenkathi usahlezi esihlalweni, hamba endleleni yakho uthokoza, hamba ngendlela yakho, usindiswe. Yiba nokukholwa.

257 Ukuba-ke bengingashongo lutho kuwe, ubusayolokhu ungikholwa na? Ukuba-ke ngithe uphulukisiwe na? Ubuyongikholwa na? Hamba uthokoza.

258 Umzuzu nje, indoda ehlezi lapho, unenkathazo yomphimbo, omongozima. Unezimila, futhi, awunazo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uma ukukholwa, ungaba nakho.

259 Lowomgogodla kade ukuhlupha isikhathi eside, kodwa awusekho manje. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

260 Woza. Lesosifo sikashukela, awusophinde udingeke ukuba uthathe noma yimuphi umjovo wesifo sikashukela uma uzokholwa. Hamba nje uthokoza, uthi, "Ngiyabonga, Nkosi." Hamba uthokoza, unokukholwa. Kulungile.

261 Mletheni. Uyakholwa ukuthi isifo sokushodelwa yigazi simshiyile na? Uyakholwa ukuthi isimo sokushodelwa yigazi sesihambile na? Mqhubezeni, thatha, futhi usinde.

262 Bangaki ofuna ukukholwa kulesisakhiwo na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ngabe uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Ngenzeni phakathi lapha na? Niyakukholwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi ngizonikhombisa ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani. UJesu washo lokhu: "Lezizibonakaliso

ziyakubalandela abakholwayo." Ngabe Wakusho lokho na? Wonke lowo ongamakholwa, phakamisani izandla zenu. Bekani izandla zenu phezu komunye umuntu, nina makholwa, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, nikhothamise ikhanda lenu.

263 O Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu ngiyamlahla udeveli nayo yonke imisebenzi yakhe, futhi ngicela ukuthi umuntu ngamunye phakathi lapha akhululwe ekuguleni kwabo.

264 Sathane, wehluliwe empini, udaluliwe, awulutho kodwa umkhohlisi, futhi udaluliwe emsamo, phuma kulababantu eGameni likaJesu Kristu! Shiya lenhlangano yebandla labantu futhi ube. . . !

